# OKUNGAPHAKATHI









## KWETHULE INGQOPHAMLANDO YEZINHLELO ZENTUTHUKO EZIDLE R1.5 BHILIYONI ENDUMO

### IKHASI 3

Lezi izindlelo ezingakaze zibonwe emlandweni wesifundazwe saKwaZulu-Natal kusukela ngo 1994. Izinhlelo ezifana ncimishi nokuqala phansi idolobha endaweni elingakade libe khona kuyo.

## KWETHULWE INTUTHUKO EYINGQOPHAMLANDO KWAMASHU

### IKHASI 5

Kuqopheke umlando ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni isikhungo sokwakha ifenisha elokishini laKwaMashu.Lesisikhungo sakhiwe uMasipala weTheku ngokubambisana nenkampani elekelela abantu abaqala amabhizinisi, ikakhulukazi ngaphansi komkhakha wezamafenisha, eyaziwa ngokuthi yi-Furn Tech.

## UNGQONGQOSHE UTHUSI UTUSE INYANGA ESIBOPHISE ABADAYISA IZINGANE EZINEBALA ELIMHLOPHE

### IKHASI 7

Inyanga yendabuko esizakhele udumo ngesenzo sayo esifundisayo nesixwayisayo kozakwabo kulomkhakha wokwakha amakhambi, uMnumzane"Godolulalamankankane" James Mthembu, wasePhelandaba, e-Zululand, usethole okukhulu ukutuswa ubuholi obuqavile baKwaZulu-Natali, ngokuvikela aphinde abophise abadayisa izingane ezinebala elimhlophe kulesi siFundazwe.

## KUZOKWAKHIWA ISIKHUNGO SEZOBUCHWEPHESHA EGAMALAKHE

### IKHASI 10

Inhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natali, uMnuz. Simiso Magagula, uphendule isoyi lapho kuzokwakhiwa khona isikhungo sezobuchwepheshe besimanjemanje eGamalakhe ukuze kuthuthukiswe le ndawo kuMasipala iHibiscus Coast.

## KUHLONISHWE UMSHENGU NGOKUVEZA ISICATHAMIYA EMHLABENI JIKELELE

### IKHASI 12

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali usumethulele isigqoko wamhlonipha esawadla anhlamvana umsunguli weqembu lesicathamiya iLadysmith Black Mambazo uMnu Joseph Shabalala ngokuvezela umhlaba wonke iqembu lesicathamiya nempilo yabomdabu base Ningizimu Afrika.

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za


**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**

**Umhleli omkhulu:** Adv. Simo Chamane
**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza
**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza

**Abezithombe:**
Zandile Shange

© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT











# UNDUNANKULU U-WILLIES MCHUNU WETHULE INGQOPHAMLANDO YEZINHLELO ZENTUTHUKO EZIDLE R1.5 BHILIYONI ENDUMO

Abantu baseNdumo nabo babalulekile njengabo bonke abantu abahlala emadolobheni, yingakho kubalulekile ukuthi bathole izinsiza nezakhiwo eziseqophelweni eliphezulu.

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa u-Willies Mchunu ehambisana nabo bonke oNgqongqoshe bakhe, kanye nezikhulu eziphezulu kuHulumeni bethule ngokusemthethweni ingqophamlando yezinhlelo zentuthuko eNdumo ngaphansi koMkhanyakude.

Lezi izindlelo ezingakaze zibonwe emlandweni wesifundazwe saKwaZulu-Natal kusukela ngo 1994. Izinhlelo ezifana ncimishi nokuqala phansi idolobha endaweni elingakade libe khona kuyo.

Loluhlelo olwaziwa ngokuthi Inkululeko Development Project selunesikhathi lwaqalwa, kanti kusukela ekuqaleni uNdunankulu ubesebenza ngokubonisana nokuvumelana nabo bonke oNgqongqoshe kanye nabaholi bomphakathi ukuze loluhlelo luhambe kahle futhi lwamukelwe yiwo wonke umphakathi. Ephawula ngalezizinhlelo ngenkathi ekhuluma nezihlwele zabantu uNdunankulu uthe, kuwumsebenzi owabekwa emahlombe alo Hulumeni wakhe ukwenelisa nokulungisa izinto ezidingwa umphakathi.

Uthe lengqophamlando yohlelo lweNkululeko Development Project, lwaqalwa wuHulumeni owavotelwa ngo 2009.

Uthe abantu baseNdumo nabo babalulekile njengabo bonke abantu abahlala emadolobheni, yingakho kuyena kubalulekile ukuthi bathole izinsiza nezakhiwo eziseqophelweni eliphezulu.

Uthe ukwakhiwa kwezindlu ezingaphezu kwenkulungwane ezizohlalisa abantu sekunesikhathi kuqaliwe, kanti lomsebenzi uzoqedwa maduze nje.

Ubesebala nendawo yokuhlanganela intsha, wathi lendawo isiphelile futhi isiqale nokusetshenziswa kanti lokhu kuhlanganisa nendawo yomtapo wezincwadi. Ezinhlelweni ezethulwe uMacingwane, ubale nesikole sikanokusho esingakaze sibe khona kulesisifundazwe, wathi sekusele kancane siphothulwe.

Uthe cishe bazobuya sesizovulwa ngokusemthethweni ngo Okthoba.

Uthe igama lalesisikole esisha i-Mandla Mthethwa Comprehensive kanti sidle ngaphezudlwana kuka R266 wezigidi.

Uphinde wethula nokwakhiwa kukadedangendlale wezitolo ezizothengisa izinhlobonhlobo zemphahla kanti kubalwa nezitholo zokudla. Yonke lentuthuko kubonakala isidale namathuba emisebenzi, kanti eminye imisebenzi izoba khona uma sezivulwe zonke izitolo.

UMacingwane uqhube wathi uHulumeni wakhe ngeke uphumule uma kusekhona okukodwa okungaqediwe kulezizinhlelo ebezimenyezelwa namuhla.

Ezinye izikole ezintathu zivuselelwe kabusha ngenhloso yokwandisa amagumbi okufundela.Kuphinde kwavuselelwa nomtholampilo, wafakwa ingqalasizinda yokuhlola nokulapha izifo ezingajwayelekile.

Lomtholampilo usuvele uyasebenza kumanje. Kwethulwe nezinye izinhlelo ngaphansi komnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi okubalwa kuzo indawo yokugcina abantu asebebadala, inkulisa kanye nendawo yokuthuthukisa intsha.

Ngaphansi kweZolimo nokuThuthukiswa kweZindawo ezisemakhaya, uNdunankulu umemezele inkasa yokunisela izitshalo ehlabeni olinganiselwa kumahektha angamakhulu amahlanu. Ukuheha abatshali-zimali, kumenyezelwe ukuthi sekwakhiwe kabuya umgwaqo ongamakhilomitha ayishumi nesikhombisa, kanti lokhu kuzokwenza kube lula ukuhamba kulendawo isikhathi esifishane.

Lomgwaqo udle amashumi amabili nane ezigidi.

Kwakhiwa namabhuloho kanye nendawo yabahamba ngezinyawo.

Kuhlelwa nokwakhiwa kwegalaji likaphethiloli nakho osekuzophothulwa.

Yonke lengqalasizinda eyakhiwe kanye nezinhlelo ezisaqhubeka zizoyishintsha impilo yabantu baseNdumo. UNdunankulu ubesethatha ithuba lokukhuthaza abantu baseMkhanyakude ukuthi bemukele abantu abaphila nebala elimhlophe wathi abangacwaswa.

Ubesegxeka ukubulawa kwalababantu ngoba kuthiwa kuzokwenziwa ngabo imithi.

Ubonge amakhosi kanye nezinyanga eseziphume umkhankaso wokulwa nalesisihlava.

# ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL SESIKULUNGELE UKWAMUKELA IZITHUNYWA ZAMAZWE-NGAMAZWE UKUZOTHAMELA INGQUNGQUTHELA YENGCULAZI NESANDULELA SAYO

**SIBUSISO MAGWAZA**

Isifundazwe saKwaZulu-Natal esiholwa nguNdunankulu u-Willies Mchunu sesikulungele ukwamukela izithunywa ezivela kuwo wonke amazwe angaphezu kwekhulu namashumi ayisishiyagalombili engqungqutheleni ezoqala ngaloMsombuluko womhlaka 18 Julayi 2016 eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre eThekwini.


Lona kuzobe sekungokwesibili ukuthi lomhlangano osezingeni lamazwe omhlaba ube kuleli. Kulundeleke izithunywa ezingaphezu kwezinkulungwane ezilishumi kanti kuzobekukhona ososayensi, odokotela kanye namashoshozela ekulweni nokucwaswa kwabantu abaphila negciwane. Lengqungqthela izothatha isonto lonke ngaphansi kwesiqubulu esithi " Access Equity Rights-Now".

Usekela-Mongameli kuleli umnumzane uCyril Ramaphosa kulindeleke ukuthi ahole ithimba lalelizwe, kanti vele ubeseMgungundlovu emasontweni ababili edlule ukuzofaka umfutho kubantu ngalomhlangano.

Kulindeleke ukuthi iNingizimu Afrika ithole ithuba lokushiyelana inkundla namanye amazwe nokucobelelana ngabakufundile nangendlela ababhekana ngayo nalesisifo. Okuzobe kulindelwe ngabomvu ukuthi kukhona yini okuyimpumelelo lelizwe elingaxoxa ngakho emva kokuhola umkhankaso wokusebenzisa imishanguzo yokuthikameza isivinini saleligciwane.

Njengoba lengqungqthela kulindeleke ukuthi iqondane nosuku lokuzalwa kukaTata uMandela, umyalezo walelizwe ngesifo sengculaza uzothunyelwa emazweni amaningi kanti kuzoxhaswa nemizamo yokulwa nalesisifo ukuze kuphephe izizukulwane. Ukulungiselela lolusuku, uNdunankulku uWillies Mchunu kanye noNgqongqoshe besiGungu sakhe bavule umcimbi waseNdumo ngokudedela amabhelunda anombala omhlophe, obomvu kanye nomnyama ukukhombisa ukuzwelana nabakhinyabezwe yileligciwane.

OkaMacingwane uthe "Isifundazwe saKwaZulu-Natal esikhahlanyezwe kakhulu yigciwane lengculaza nesandulelo sayo, siyixhasa kakhulu lengqungqthela ezoqala khona lapha eThekwini"



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu*

## UNdunankulu unxuse abasebenzi bakaHulumeni ukuthi basebenzele ukubuyisa isithunzi kubantu ngenkathi eklomelisa abasebenze ngokuzimisela

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa u-Willies Mchunu unxuse bonke abasebenzi bakaHulumeni ukuthi bazinikele ukuze kubuyiswe isithunzi kubantu abalindele izinsiza kuHulumeni.

Ukhulume kanje ngenkathi eklomelisa abasebenze kahle ngonyaka odlule futhi ekhuthaza nabangaphumelelanga ukuthi basebenze ngokuphindiwe ukuze nabo baklonyeliswe ngokuzayo.

Lomcimbi ubuseThekwini eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre kanti ubuhanjelwe yizinkulungwane zabantu ezivela kuHulumeni, amabhizinisi, ezepolitiki, izinhlangano ezizimele kanye nomphakathi. Lona bekungumcimbi wokuphakamisa amagama eminyango kanye nabasebenzi abasebenze kahle ukuze isifundazwe siqhubeke nesibophezelo saso sokwenza impilo engcono kubantu. Eyiqala inkulumo yakhe uNdunankulu u-Willies Mchunu uthe lolusuku lubalulekile kuHulumeni wonke kanye nesifundazwe ngoba luzohlonipha amaqhawe namaqhawekazi okuyingenxa yawo ukuthi uHulumeni uyakwazi ukufeza eziningi izinjongo azethembisa abantu. Uthe kubalulekile ukuthi lolusuku luqondene nenyanga yokuzalwa kweqhawe elaba nguMongameni wokuqala wentando yeningi kulelizwe, uMnumzane uNelson Mandela. UNdunankulu ubonge bonke abenze lomcimbi ukuthi ube yimpumelelo, wathi" sikulomcimbi kungenxa yabasebenzi obekungeke kutholakale lutho ngaphandle kwabo". Uthe abasebenzi bonke bakaHulumeni abenze okusemandleni ukusiza umphakathi olindele usizo, wathi uma benza kanjalo bayobe bahamba ezinyathelweni zeqhawe lomzabalazo eladela konke ukuze bonke abantu babuyelwe isithunzi futhi bahlonipheke. Uqhube wathi ubethulela isigqoko bonke abasebenzi bemikhakha ehlukene abenze okungaphezu kobekulindelekile wathi imisebenzi efana nale eyenza ukuthi isifundazwe siziqhenye ngabo. Ube esebonga kakhulu abasebenzi bomnyango weZokuthuthukiswa Komnotho, Ezemvelo neZokuvakasha wathi kungenxa yokuzinikela kwabo ukuthi isifundazwe sifaka imali eningi kuHulumeni oMkhulu uma kuqhathaniswa izifundazwe zalelizwe. Uthe ngenxa yegalelo lalomnyango, isifundazwe sethu sihlezi endaweni yesibili. Uthe indlela yonke iminyango esebenze ngayo ukuthuthukisa isifundazwe, abantu baso kanye nomnotho, kwenza kucace ukuthi ngempela siyisifundazwe esithuthuka ngamandla futhi esikhulayo.

Lomcimbi kulapho uNdunankulu eklomelisa abasebenze kahle kanti wenziwa kanye ngonyaka ngenhloso yokukhuthaza ukuthi basebenze kangconywana ngokuzayo. Kanti ngokukaNdunankulu, enye inhloso ukuthinta onembeza bawo wonke umuntu osebenzela uHulumeni ukuthi azi ukuthi kufanele abeke



umphakathi awusebenzelayo phambili ngaso sonke isikhathi.

UNdunankulu usebenzise lelithuba lalomcimbi ukukhumbuza isifundazwe kanye nabasebenzi ngengqungqthela yomhlaba ezoba khona eThekwini emasontweni amabili ezayo lapho kuzobe kudingizwa izindaba ezithinta igciwane lesandulela-ngculaza. UMacingwane uthe lomcimbi ubaluleke kakhulu ngenxa yokuthi yikuso lesisifundazwe sethu lapho izibalo zabantu abahaqwe yileligciwane zethusa ngobuningi bazo.

Kanti umnyango weZolimo nokuthuthukiswa kweziNdawo eZisemakhaya oseZinqoleni udle umhlanganiso walonyaka ngokuwina umklomelo obalulekile.

Lomnyango uthole indondo yegolide ngokubaqwaqwada bonke emakhanda ekusebenzeni ngokuzinikela nangokuzikhandla kusukela ngonyaka odlule.




# UNDUNANKULU U-WILLIES MCHUNU UTHE UMPHAKATHI WAMANDIYA WADLALA INDIMA ENGETHANDABUZWE KUMZABALAZO WOKUKHULULA LELIZWE

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa u-Willies Mchunu uthe umphakathi wamaNdiya wadlala indima enkulu futhi engethandabuzwa kumzabalazo wokukhululwa kweNingizimu Afrika ngezikhathi zobandlululo.

UNdunankulu ukhulume kanje ngenkathi amukela uNdunankulu waseNdiya uMnumzane Narendra Modi eThekwini.

UMacingwane uthe uyajabula ukuthi uNdunankulu uModi ubone kubalulekile ukuthi avakashele lesisifundazwe saKwaZulu-Natal.

Uthe lesisiFundazwe sinomlando waso ohlukile kwezinye iziFundazwe.

Uthe yikulesisiFundazwe lapho umphakathi wabomdabu wamaNdiya udladlale khona indima enkulu ukuthuthukiswa umnotho kanye namabhizinisi osekungenise inzuzo enkulu emnothweni wezwe kanye nesiFundazwe. Lomcimbi obuse City Hall eThekwini ubuhanjelwe nayiNgonyama yaMaZulu uGoodwill Bhekuzulu, iMeya yeTheku, uSekela Ngqongqoshe weZobudlelwane namazwe angaphandle kanye nezinye izicukuthwane.

Lomcimbi ubuyingqophamlando kulesisiFundazwe kanti uncike kakhulu ebudlelwaneni obuhle phakathi kwezwe laseNingizimu Afrika Kanye nelaseNdiya.

Lamazwe ahlanganiswe ukuthi anomnotho osakhula, angamalunga enhlangano yomhlaba i-Brics kanti womabili ayengamalunga enhlangano yaseNgilandi (members of the British Commonwealth of Nations).

UNdunankulu uMacingwane ubonge wanconcoza kuNdunankulu waseNdiya ukukhetha ukuvakashela lesisifundazwe.

Uthe isifundazwe saKwaZulu-Natal sisaziqhenya namanje ngeqhaza elabanjwa nguMahatma Ghandi kanti izimfundiso zakhe zasiza kakhulu ngenkathi izwe lisazabalazela ukuthola intando yeningi. Uqhube wathi umzabalazo wamaNdiya nowabantu abamnyama uyafana.

Uthe iTheku ngabe alithuthukile kanje uma ngabe amaNdiya awazange adlale indima ebalulekile.

Uthe bayabuhlonipha ubuchule nobuholi bamaNdiya kuleNingizimu ebumbene futhi uyathemba ukuthi izithelo zobudlelwane balamazwe amabili okuyileli kanye nelaseNdiya kuzoxhamulisa izakhamuzi zawo omabili lamazwe.

Kuqhume ihlombe ehholo ebeligcwele phama ngenkathi uMacingwane ethi okwenza lesisifundazwe sihluke kwezinye kusuka kudala ngezikhathi zesigungu samaNdiya i-Natal Indian Congress okuyiso esathatha isinqumo sokusebenzisana nazo zonke izinhlaka zomphakathi ezazilwisana nobandlululo.

"Akumangazi ukuthi kunemigwaqo eminingi eThekwini eqanjwe ngamaqhawe amaNdiya okubalwa kuwo oMahatma Ghandi, Monty Naicker, Yusuf Dadoo kanye



nabanye" kuphawula uMacingwane. UNdunankulu uthe abantu bezwe laseNdiya bayohlala bamukelekile kulesisifundazwe futhi bayinxenye yethu sonke.

Kanti uhambo lukaNdunankulu waseNdiya luqale ePitoli lapho ehlangane khona noMongameli wezwe uMnumzane uJacob Zuma baxoxa ngezinto eziningi okubalwa kuzo ezepolitiki, ezomnotho, ukuxhumana kanye nezokuvakasha ngaphambi kokuthu uModi azoqala uhambo lwakhe kulesisifundazwe.

Kulesisifundazwe uqale uhambo lwakhe eMgungundlovu lapho amukelwe yizinkumbi zabantu wabe esedlulela eGhandhi Settlement eseNanda wagcina ehholo lomphakathi eThekwini.

Kuzona zonke lezizindawo ubehambisana noNdunankulu wesifunzazwe uMnumzane uWillies Mchunu.

# Kwethulwe intuthuko eyingqophamlando KwaMashu

**BHEKO MADLALA**

Kuqopheke umlando ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni isikhungo sokwakha ifenisha elokishini laKwaMashu.

Lesisikhungo sakhiwe uMasipala weTheku ngokubambisana nenkampani elekelela abantu abaqala amabhizinisi, ikakhulukazi ngaphansi komkhakha wezamafenisha, eyaziwa ngokuthi yi-Furn Tech.

Ekhuluma emcimbini wokuvulwa ngokusemthethweni kwalengqophamlando yentuthuko, uNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMhlonishwa uSihle Zikalala, uthe lentuthuko ikhombisa ngokusobala igxathu eselihanjwe uHulumeni ukuqinisekisa ukuthi umnotho waseNingizimu Afrika usebenzela bonke abantu nokuthi izizinda zomnotho zilethwa lapho kukhona abantu. "Imboni yokwakhiwa kwefenisha ingenye yezinkulu emhlabeni jikelele njengoba ubukhulu bayo bubalelwa ezigidigidini zamarandi. Kodwa iqiniso elingeke liphikwe ukuthi ifenisha eningi egcwele eNingizimu Afrika yakhiwe kwamanye amazwe. Lokhu kusho ukuthi imisebenzi engabe itholwa abantu balapha eNingizimu Afrika iya kwabanye abantu phesheya. Sifuna ukukushitsha lokhu njengoba siphezu kombhidlango wokuqikelela ukutih umnotho waseNingizimu Afrika usebenzela bonke abantu bakithi, hhayi abebala elithile kuphela. Siphelile isikhathi sokuthi abantu bakithi babe yizibukeli bangabambi iqhaza emnothweni wabo.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala kanye nelungu lekomiti eliphezulu kuMasipala weTheku uKhansela Zandile Gumede ngenkathi bebheka eminye yemishini yokusebenza KwaMashu.*

Uma sithi sisebenzela ukuthi kushintshe umnotho asikhulumi nje emoyeni, kodwa imisebenzi yethu yiyona esikhulumelayo singuHulumeni."

UNgqongqoshe uZikalala uwethulele isigqoko uMasipala weTheku ngokusebenza ngokuzikhandla ukuthi intuthuko enkulu kangaka ibe selokishini.

"Ilokishi lakwaMashu libambe iqhaza elikhulu ekukhululeni abantu bakithi emaketangweni obandlululo. Empeleni umlando wokuthi lelizwe lakhululeka kanjani ngeke ubhalwe ngaphandle kwelokishi laKwaMashu ngoba liyikhaya lezingqalabutho zomzabalazo wethu ezayibamba ishisa zilwela isithunzi somuntu omnyama, nokuthi sihambe ngokuziqhenya nangokukhululeka ezweni lobabamkhulu. Njengoba sithula lentuthuko siqopha omunye umlando ngoba akekho umuntu owayazi ukuthi ngenxa yamagalelo alo Hulumeni ngelinye ilanga kuyoba khona intuthuko enje la kuhlala khona abantu bakithi.

Okusijabulisa kakhulu ukuthi bangaphezulu kwamashumi amathathu abantu abazothola amathuba okusebenza bakha ifenisha lapha kulesisikhungo.

Sikushayela ihlombe futhi ukuthi bazolekelelwa ochwepheshe kulemboni abazobacathulisa ukuze bakwazi ukuthi baphathe lelibhizinisi ngesinono ukuze lenze inzuzo. Sijabule kakhulu futhi ngokuthi lesisikhungo sakhiwe emphakathini lapho kuhlala khona abantu bakithi.

Phela ucwaningo luhlale luveza njalo ukuthi imali eningi yabantu bakithi abasenzayo iphelela emalini yokugiibela, kwazise njengoba sazi sonke ukugibela kuthatha imali eningi emiholweni yabantu bakithi. Lokhu kungenxa yokuthi izindawo zokusebenza ziqhelile nalapho kuhlala khona abantu bakithi ngenxa yokuthi amalokishi akhiwa kude namadolobha uHulumeni wobandlululo.

Lokhu sithi sifuna kushintshe. Kuzona zonke izindawo ezakhiwayo manje sifuna imiphakathi yakithi isondezwe nezimboni."Ebonga uMasipala weTheku ngohlelo lwawo lokwakha ingqalasizinda emalokishini, uNgqongqoshe uZikalala uthe:

"Lesisikhungo sakhiwe ngemali engu R35 million kanti intsha ezoba yingxenye yalentuthuko izolekelelwa ngamakhono ukuthi ikwazi ukungena igxile emkhakheni wokwakha ifenisha.

Lentuthuko ikhombisa ngokusobala ukuzinikela kwaHulumeni wethu ukuqinisekisa ukuthi siyalusukumela udaba lokushoda kwamathuba emisebenzi.

Abantu abasha bayikusasa lezwe lethu. Ngakho singuHulumeni siyohlale njalo sisebenza ngokuzikhandla nokuzinikela ukuqinisekisa ukuthi siba beka ekhaleni lempi yokusweleka kwamathuba emisebenzi.

Lentuthuko ikhombisa ngokusobala ukuthi uma sithi sikhuluma ngentuthuko ebambekayo nebonakalayo sikhuluma ngani.

SinguHulumeni sesizibophezele ekuthini sizosebenza ngokuzimisela ukuqinisekisa ukuthi uhlelo olunje lwentuthuko lapho khona abantu bakithi betholа ukulekelelwa ngamakhono siyalusabalalisa isifundazwe sonke saKwaZulu-Natali."



**"Umnotho waseNingizimu Afrika usebenzela bonke abantu nokuthi izizinda zomnotho zilethwa lapho kukhona abantu".**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO KWAZULU-NATAL WENELISEKILE NGEZIVAKASHI EZITHUTHELEKE ETHEKWINI

Esikushoyo ukuthi asanelisekile ngalokho esesivele sikuzuzile, sizimisele ukuqhubeka nokusebenzisa imicimbi emikhulukazi njengayo i-Durban July ukuheha izivakashi ukuthi zize lapha KwaZulu-Natal.

**SIYABONGA MAPHUMULO**

Umjaho wamahhashi obalwa phakathi kwemikhulukazi kuleli iVodacom Durban July ushiye abanini bezindawo zokuhlala kanye nezobumnandi behleka bodwa.

Lokhu kulandela ukuthi kutheleke izinkumbi zabathandi bombumndandi eThekwini ngeledlule, iningi labo ebeliphuma kwezinye izifundazwe ukuzokwethamela lo mjaho kanjalo nemicimbi ehambisana nawo.

Ngokwezibalo ezikhona kuthiwa lo mjaho uhehe izinkulungwane zabantu waphinde wangenisa izigidi emnothweni wezifundazwe.

Ephawula ngempumelelo yomjaho walonyaka uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uthe ukuthutheleka kwabantu esifundazweni saKwaZulu-Natali kufakazela ukuthi lesisifundazwe asiconsi phansi kwizivakashi ezisuka kuleli kanjalo nakwamanye amazwe. “Singasho nje singahlonizi ukuthi iVodacom July yanonyaka ibingenkulukazi, bheka ngoba besinezivakashi ezivela ngisho emazweni angomakhelwane nesingabala kuwo iNamibia, iZimbabwe, iBotswana ngisho ne-Nigeria imbala.

Kanti-ke uma sibheka ngakwinzuzo efike nalomjaho kwisifundazwe siyathola ukuthi kutheleke abantu abacela ku60,000 kwisifundazwe nokuyinto elethe imali engango R340-million emnothweni.

”Eqhuba uKhuzeni uthe ukusingatha kwesifundazwe lo mjaho kuphinde kwasiza ukuxosha ikati eziko njengoba kudale amathuba emsebenzi acela emakhulwini amahlanu.

“Kodwa esikushoyo ukuthi asanelisekile ngalokho esesivele sikuzuzile kepha sizimisele ukuqhubeka nokusebenzisa imicimbi emikhulukazi njengayo nje –Durban July ukuheha izivakashi ukuthi zize lapha KwaZulu-Natal.

Ngaleyondlela kuyisifiso sethu ukubona lo mjaho wamahhashi uqhubeka nokukhula kuze kube ufika esigabeni seminye emhlabeni nesingabala kuyo iKentucky Derby laphaya kwelaseMelika, iMelbourne Cup e-Australia kumbe iDubai Cup,” kusho uNgqongqoshe. Kanti kulokhu uphinde wavunyelwa nawuMongameli wezwe umhlonishwa uJacob Zuma naye obekhona kulomjaho nothe kuyinto engesiyo imfihlo ukuthi iningi labantu eNingizimu Afrika liyazifela ngesifundazwe saKwaZulu-Natali nokuyinto eseyenze lesi sifundazwe sinqenqeleze sodwa, sizishiyele le ezinye uma kubhekwa umthamo wezivakashi.

UMsholozi uthe iJuly iholele ekutheni amahhotela amaningi eThekwini ngisho nasezindaweni ezingomakhelwane imbala agcwala phama kanti futhi lo mjaho udlala enkulu indima ekudayiseni iNingizimu Afrika nakwamanye amazwe njengoba ezokumaketha ezihambisana nawo zicela engxenyeni yezigidigidi zamarandi.

“Kuyiqiniso ukuthi imicimbi emikhulu idlala enkulu indima ekufukuleni umnotho wethu kanti-ke sisishayela ihlombe isifundazwe saKwaZulu-Natali ngokuqhamuka nesu elikhaliphile lokuyisebenzisela ukuthi lifukule ezokuvakasha kanjalo nokudala amathuba emsebenzi emphakathini yethu,” kusho uMongameli.



*UMongameli Wezwe umnumzane uJacob Zuma, uNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa koMnotho uSihle Zikalalala Kanye nabanye emcimbini kaJuly.*

# UMnyango wehlisa isibalo sezingane ezingayi enkulisa eNquthu

**MINENHLE MNCWANGO NO MONDLI MPONTSHANE**

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali uhlabela phambili nemizamo yokwehlisa isibalo sezingane ezingayi ezinkulisa KwaZulu-Natali. Lokhu kuvele ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni isakhiwo sika nokusho sodado esidle imali engango R5.7 million, eNquthu, enyakatho nesiFundazwe, ngaphansi koMkhandlu waseMzinyathi, endaweni eyaziwa ngokuthi iseNtshongweni, muva nje. Ekhuluma emcimbini wokwethula lenkulisa ebizwa ngokuthi Intshisekelelo Early Chidhood Development Centre, uNgqongqoshe uThusi ubeke kanje: “Silapha ukuzovula lenkulisa nje akwenele ngoba isibalo sabantwana kulendawo siphezulu. Sibalelwa ku 24 791 isibalo sabantwana kulendawo, kodwa uMnyango uxhase abangu-6 237 ukuba bakwazi ukuya enkulisa, bathole nokuya ethunjini.” Uthe ukwakhiwa kwalenkulisa kuphinde kwaba nomthelela omuhle ekwakhekeni kwamathuba emisebenzi njengoba abantu abangu-32 bendawo okuhlanganisa abesilisa nabesifazane abanamakhono okwakha bethole ukuqasheka.

UNgqongqoshe uThusi uqhube wathi: “Kuwumsebenzi wethu singuMnyango ukwenza isiqinisekiso sokuthi abantwana bafundiswa othishela abaqeqeshiwe ukuze bakwazi ukubafundisa ngendlela.”

Uthe: “Lenkulisa isezingeni eliphezulu. Nesakhiwo sayo asejwayelekile njengoba inamagumbi amathathu okufundela abantwana, ihhovisi lomphathi, elabasebenzi kanye nothisha, igumbi lokuphekela abantwana, nelokudlala, kanye nezindlu zangasese. Phakathi kunefenisha kanokusho, izincwadi zokufunda, nezingubo zokulala.”

Lenkulisa ibiywe kahle, igceke layo likhonkiwe, futhi kunezinto zokudlala, okubalwa kuzona ozwingi nokunye. Kulomcimbi, uNgqongqoshe uThusi ubehambisana nobuholi bendabuko besizwe sakwaNgobese obebumelwe iNduna uButhelezi, kanye neNduna uVilakazi.

Ubekhona nosihlalo weKomidi elibhekele uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiShayamthetho saKwaZulu-Natali, uNkosazana Fatima Nahara. Bebukhona nobuholi bendawo, okubalwa kubo iMeya yesiFunda uMzinyathi, uKhansela Linda Ngubane, ilungu lesigungu esiphezulu kumasipala uMzinyathi, uKhansela Fikile Khumalo, iSekela leMeya kamasipala waseNquthu, uKhansela Mabilabila Kunene, noKhansela Fikile Mkhize, kanye neNhloko yoMnyango uNkosazana Nokuthula Khanyile. Emuva kokuvula lenkulisa, uNgqongqoshe uThusi ukhuphukele ehholo lomphakathi elibizwa nge V.A. Makhoba Community Hall, lapho ehlangane nomphakathi obuphume ngobuningi ukuzobhunga ngezinselelo ohlangabezana nazo.

UNgqongqoshe uphinde wenza adume ngakho, lapho ethule umthwalo kuleyomindeni lapho ikati lilele eziko ngokuyinika ukudla. Uphinde wapha abantu abadala izingubo zokulala. Ngaphansi koMkhandlu waseMzinyathi, uMnyango awugcini ngokubhekelela abantwana kuphela, kodwa unezinhlelo ezahlukahlukene emphakathini, okuhlanganisa ukunakekela izingane ezihlwempu, abadala nabakhubazekile.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi (kwesokudla), neMeya yaseMzinyathi, uKhansela Linda Ngubane, ngesikhathi bevula ngokusemthethweni inkulisa Intshisekelo eNquthu.*



**“Nikhumbule ukuthi abantwana bayikusasa lezwe. Nizosebenza izindaba eziphathelene nabantwana nabantu asebekhulile”**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UNGQONGQOSHE UTHUSI UTUSE INYANGA ESIBOPHISE ABADAYISA IZINGANE EZINEBALA ELIMHLOPHE

Siyawunxusa umphakathi ukuthi ubacebe labo abenza lomkhuba uma kukhona okusolayo emiphakathini," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Inyanga yendabuko esizakhele udumo ngesenzo sayo esifundisayo nesixwayisayo kozakwabo kulomkhakha wokwakha amakhambi, uMnumzane "Godolulalamankankane" James Mthembu, wasePhelandaba, e-Zululand, usethole okukhulu ukutuswa ubuholi obuqavile baKwaZulu-Natali, ngokuvikela aphinde abophise abadayisa izingane ezinebala elimhlophe kulesi siFundazwe.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, usesishayele ihlombe isenzo salolu khokhovu lokubophisa umuntu wesimame wasoThobothini, ngaseJozini, osevelile enkantolo yas' oBonjeni muva nje ngecala lokudayisa ashushumbise abantu (human trafficking). Ngosizo lwalenyanga yodumo, lomuntu wesifazane oneminyaka engu-28, ubanjwe oqotsheni abakwasidlodlo ezama ukudayisa izingane eziseminyakeni esuka ku-7 kuya ku-13.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, benoNkosazana Hloniphile Ntombela, unina ka Manelisiwe Ntombela, osadukile. Onabo esithombeni iBamba lesiteshi samaphoyisa eSikhaleni, uKhenela Gugu Mzimela.*

UNgqongqoshe uThusi uthe: "Sithi kubo bonke abelaphi bendabuko abasukume baphikisane nokubulawa kwabantu abanebala elimhlophe ukuze kwakhiwe ngabo imithi. "Siyajabula ukuthi kusekhona abelaphi bendabuko abafana nalona obize amaphoyisa ukuba azobopha umsolwa.

Siyawunxusa umphakathi ukuthi ubacebe labo abenza lomkhuba uma kukhona okusolayo emiphakathini," kusho uNgqongqoshe uThusi.

UMengameli kasosesheni wenhlangano yabelaphi bendabuko eNingizimu Afrika, utshele intatheli yephephandabaka langoMgqibelo ukuthi uMnumzane Sazi Mhlongo, uhambe emazwini kaNgqongqoshe uThusi, ngokuncoma lenyanga eveze inkohlakalo yokudayiswa kwabantu. Uthe lokhu okwenziwe yilenyanga kuyaveza ukuthi lolu hlobo lobelelesi lokudayisa ngezicubu zabantu yinto eyenziwa yizigilamkhuba, hhayi abelaphi bendabuko. UMnumzane uMthembu, osebenzisane namaphoyisa ngempumelelo kulolu daba, uthe uye wathola ucingo oluphuma kumuntu wesifazane mumbe othe udayisa ngamantombazane amathathu amhlophe, okukhona kuwo namawele. Uthe abantwana ubadayisa ngenani elingango-R100 000 ingane iyinye. Emuva kokuba leNyanga icele ukuba ayehlisele, lomuntu wesimame ugcine esethi ingane izoba u-R50 000 iyodwa. Uthe: "Ngiye ngamlalela engitshela ukuthi uyangidayisela.

Ngase ngimcela ukuthi akangilinde, ngizobuyela kuyena. Ngibe sengishayela amaphoyisa asophikweni olubhekene nokuvikelwa kwabantwana nokuhlukunyezwa kwabo ngocansi, i-Child Protection and Sexual Offences Investigations Unit, sase simheha ndawonye namaphoyisa ase Richards Bay, saya kuyena ngamtshela ukuthi amadodana ami lawa engihamba nawo kanti amaphoyisa.

"Ube esethi akuze wona amadodana ami ukuzolanda ingane ukuze mina ngingabonakali ngoba ngiwumuntu owaziwayo, zase zimkhalela emuva kokuba amaphoyisa esewakhombisile ingane abezongidayisela yona," kusho uMnumzane Mthembu.

UNgqongqoshe uThusi usanda kuvakashela umndeni wakwaNtombela, Esikhawini, Esigodini saseMkhobose, bude buduze naseRichards Bay, enyakatho yesiFundazwe saKwaZulu-Natali. Lomndeni ulahlekelwe ingane enebala elimhlophe, igama layo okunguManeliswa Ntombela, oneminyaka emine (4) ubudala.

Emuva kokududuza umndeni nomakhelwane abebe khona, uNgqongqoshe uThusi ugasele esiteshini samaphoyisa, Esikhaleni, ehambisana nethimba lezikhulu zoMnyango kungazelele muntu ukuyozwa ukuthi selokhu kuvele lesi simo amaphoyisa asekuphi nophenyo lokuthola ingane, waphinde wakhuluma nomphakathi obuthuthumele yintukuthelo ngenxa yalesi senzo.

# Sebeqashiwe osonhlakahle bemifundaze ebebeswele imisebenzi

**MINENHLE MNCWANGO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, wemukele osonhlalakahle abasha ngezandla ezimhlophe emuva kokuba besayinde izinkontileka zokusebenza iminyaka emithathu ngaphansi koMnyango. Labo sonhlalakahle baqashwe yinhlangano engenzi nzuzo eyaziwa ngokuthi yi-Pact South Africa, exhaswe yisikhondlakhondla sesakhiwo saseMelika esikhipha izimali zokusiza ezimweni ezahlukahlukene esaziwa nge USAID. Lenhlangano ezimele, i-Pact South Africa, isungulwe ezweni laseMelika, kodwa isisabalele iNingizimu Afrika yonkana. Inhloso ka Pact South Africa ngalolu hlelo ukuba kusizakale abantwana, abadala, kanye naleyo mindeni ehaqwe yigciwane lesandulela ngculaza.

Ngokwesivumelwano soMnyango nabaseMelika, labo sonhlalakahle bangama-36, kanti bazosebenza kuzona zonke izifunda ezakhele isiFundazwe saKwaZulu-Natali, okubalwa kuzo iZululand, uMkhanyakude, eThekwini, uGu, i-Harry Gwala, uMzinyathi, Amajuba, uThukela, kanye nesiFunda uThungulu.

Lomcimbi wokubemukela nokubachazela ngokulindeleke kubona njengezisebenzi uthathe izinsuku ezintathu kanti ububanjelwe eThekwini.

Bebetshelwa ukuba banakekele imiphakathi abazosebenza kuyona njengoba beyithemba lomphakathi. Bakhunjuzwe nokuthi akumele benze izinto eziphambene nemigomo yoMnyango futhi akumele bakhohlwe ukuthi baqashwe inhlangano engenzi nzuzo. Ekhuluma nalabo sonhlalakahle, uNkosikazi Thobi Mhlongo, onguMqondisi oMkhulu obhekele ezeNhlalakahle eMnyangweni, uyale labo sonhlalakahle ukuba babaphathe kahle abantu emiphakathini.

Uthe: "Siyabonga ukuba nizokuba umndeni woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kulomkhakha enikuwona. Abantu enizosebenza kubo kumele nibaphathise okweqanda ngoba iqanda awulidedeli noma kanjani, futhi awulilahli noma yikuphi.

"Nikhumbule ukuthi abantwana bayikusasa lezwe. Nizosebenza izindaba eziphathelene nabantwana nabantu asebekhulile," kusho uNkosikazi Mhlongo. Baphinde badonswa ngendlebe ukuba bangalinge baphambuke, kodwa uma befika emphakathini bawutshele ukuthi bona abaqashwe uMnyango, kodwa kumele bazi ukuthi bayomela uMnyango.

UNkosazana Lungile Ndwandwe ongumphathi wezinhlelo kwa-Pact South Africa, ozinze esiFundazweni saseGauteng, uyalele osonhlalakahle ukuba bahloniphe abasebenzi boMnyango futhi basebenze umsebenzi abazowunikwa abaphathi boMnyango

Uthe: "Uma senisezindaweni enizosebenzela kuzona nizokwenza umsebenzi enizowunikwa abaphathi balawo mahhovisi ngoba siwumndeni munye noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi."

Labo sonhlalakahle baphothule izifundo zabo ezikhungweni zemfundo ephakeme, okubalwa kuzona iNyuvesi yaKwaZulu (oNgoye) kanye neNyuvesi yaKwaZulu-Natali. Kuthathwe kulabo sonhlalakahle abebenikezwe imifundaze yoMnyango, ebekade behleli emakhaya bentula imisebenzi.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ethula inkulumo yakhe emukela osonhlalakahle.*

Ekhuluma neSIMAMA KZN, omunye walabo sonhlalakahle, uMnumzane Phelelani Mbanjwa, owaphothula izifundo zakhe oNgoye ngonyaka ka-2013, ubonge kakhulu ithuba alinikezwe yilenhlangano ngokubambisana noMnyango kahulumeni.

Uthe: "Ngijabule kakhulu ngokuthola leli thuba futhi kuyisifiso sami ukusebenzela loMnyango njengoba naseNyuvesi ngathola umfundaze wokuqhuba izifundo zami kuwona. "Ngiyawuthanda umphakathi futhi ngiyaqonda ukuba ubalulekile umphakathi nabantwana naleyomndeni ehaqwe igciwane lesandulela ngculaza, okuzodingeka ukuba sisondele eduze kwayo khona izozibona inemfudumalo," kusho lensizwa etshalwe ukuba isebenze ehhovisi laseMondlo, ngaphansi kwesiFunda iZululand.

I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING
ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI
AIDS 2016
KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!

# UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL UVAKASHELE UMKHANDLU I-HARRY GWALA NGENXA YESIBALO ESIPHEZULU SOKUSHONA KOMAMA KANYE NEZINGANE

Sinxusa bonke abesifazane abazithwele ukuba bayeke ukusaba ukuhamba umtholampilo. Akusizi ukucasha, ngoba vele uma uza kumele vele sikuhlolele isifo sengculazi

Omama abazithwele abangayi emitholampilo ngenxa yokusaba ukuthi bazohlolelwa isifo sengculazi, babeka engcupheni hayi impilo yabo kuphela kodwa ngisho eyezingane zabo ezingakazalwa.

Ukusebenzisa amakhambi esintu abizwa ngokuthi isihlambezo ukuze umuntu akwazi ukubeletha kalula, kumbandakanya nezingane zamantombazane ezisencane ezisuke zizithwele yinto engenza ukuthi umuntu ashone kube kungafanele. Lesi isixwayiso esikhishwe uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ngesikhathi ehlangene noMphakathi wakwa-Nokweja ongaphansi komkhandlu i-Harry Gwala maphakathi nesifundazwe saKwaZulu-Natal.

UMkhandlu i-Harry Gwala ingeminye yemikhandlu enesibalo esiphezulu sokushona koMama kanye nezingane esifundazweni.

Kwabasifazane abangu-2300, abahlanu kubona bayaye bashone ngokwezibalo zonyaka odlule wezimali. Ngesikhathi kunenkulomo ngxoxo izikhulumi ezahlukene zinike izizathu ezahlukene zokuthi kungani oMama bengayihambi imitholampilo uma besola ukuthi bazithwele. Phakathi kokunye



*UNgqongqoshe wezeMpilo uDkt. Sibongiseni Dhlomo kwa-Nokweja nalapho kade evula umtholampilo i-Sokhela emkhandlwini i-Harry Gwala.*

basho lokhu okulandelayo: Amantombazane akhulelwe esemancana ayasaba ukutshela abazali kanye nabahlekisana nabo ukuthi bakhulelwe, futhi asuke engafuni ukuthi kwaziwe ukuthi akhulelwe; Bayasaba ukuhlolela isifo sengculazi, ukuthi kungase kutholakale ukuthi banegciwane lengculazi Labo abaqashiwe bayasaba ukutshela abaqashi babo ukuthi bakhulelwe ngoba lokho kungaholela ekutheni bethathe umhlaba khefu omude ngenxa yokukhulelwa.

Amantombazane asemancane ayesaba ukuya emtholampilo ukohlela umndeni. Ezinye izikhulumi zinxuse abazali ukuba bavuleleke ezinganeni zabo, nokubheka nje ukuthi abantwana bamantombazane bayaya yini esikhathini. Khona manjalo, uNgqongqoshe uDhlomo uxwayise abesifazane ngobungozi bokungasheshi ukuya emtholampilo uma ngabe owesifazane ezithwele. "Sinxusa bonke abesifazane abazithwele ukuba bayeke ukusaba ukuhamba umtholampilo. Akusizi ukucasha, ngoba vele uma uza kumele vele sikuhlolele isifo sengculazi ngoba kuyasiza ukusheshe wazi ukuze usheshe ukwazi ukusizakala uma unalo igciwane. Kulabo abahlolwayo kutholakale ukuthi banegciwane , sinendlela yokumlekelela umuntu ukuze umtwana angasuleleki ngegciwane aphume engenalo. Siphinde silekelele labo Mama esithole ukuthi banegciwane bakwazi ukuphila isikhathi eside."

UNgqongqoshe uDhlomo uthi uHulumeni angeke akwazi ukwehlisa isibalo sokushona koMama kanye nezingane eyedwa."Kusukela kubaholi bomphakathi, izi-Mayor, amakhansela, abaholi bendabuko kumele kusetshsenziswane ukuze sigweme ukushona koMama kanye nezingane." UNgqongqoshe uDhlomo uphinde wazwakalisa ukukhathazeka ngokukhulelwa kwamantombazane esemancanme, wanxusa abazali ukuba bakhulume nabantwana babo ngezindaba zocansi.

"Intombazane eneminyaka engu-18 akumele ikhulelwe ngoba umzimba waloyo muntu usuke ungakakulungeli ukuthwala ingane.

Kunzima kakhulu-ke uma umuntu ezosebenzisa ikhambi lesintu elibizwa ngesihlambezo ngoba lokho kusuke kuphusha ukuthi umuntu asheshe abelethe .

Amanyongo aloyo muntu asuke engakulungele ukuthwala umtwana." UDhlomo unxuse abazali ukuba baluleke izingane ukuba zingazimbandakanyi nezindaba zothando zisencane, wabe esenxusa ukuba zizigcine isikhathi eside zize ziqede isikole uma kwenzeka. UDhlomo uthe amantombazane asemancane uma esehluleka ukuzithiba ukuya ocansini, kumele aye emitholampilo eseduze asebenzise uhlelo lwe-Dual Protection, lolu uhlelo lokuzivikela okumbaxambili.

Kuchaza ukuthi owesifazane uzosebenzisa izindlela zokuhlela umndeni aphinde asebenzise ne-condom njalo uma eya ocansini.

Lokhu kuvikela izifo ezithathelanayo ngokocansi ,ukuthola isifo sengculazi kanye nokukhulelwa okungahlelelwe.

UNgqongqoshe Dhlomo uphinde wexwayisa izisebenzi zezempilo ngokwehlulela abantu abasha uma beza emtholampilo bezofuna usizo lokuhlela, wabaxwayisa ngokuthi ukubehlulela kungaholela ekutheni bengabe beseza emitholampilo bese ekugcineni beza ngoba bese bezama ukukhipha izisu emahontshi kwangenzeka.

UDhlomo uphinde wanxusa zonke izisebenzi zezempilo ukuba ziqinisekise ukuthi zonke izikhungo zezempilo ziba ezinobungani entsheni. UNgqongqoshe Dhlomo uphethe uhambo lwakhe ngokuthi ayovula umtholampilo kanokusho i-Sokhela odle u-R8 Million endaweni yase-Donnybrook nokuthakaselwe kakhulu umphakathi wakuleyandawo.

# Isasasa lengqungquthela yesifo sengculazi

Likhulu isasasa esifundazwqeni saKwaZulu-Natali njengoba ngomsombuluko (18 July 2016) kuvulwa ngokusemthethweni ingqungquthela yengculazi i-21st International Aids Conference ezobanjelwa eThekwini lapha ngo 18-22 July 2016.

Lokhu kugqame emicimbini eyahlukene ebikuleli sonto, okube yi-7 Days Count Down KwaMuhle Museum eThekwini ngoMsombuluko; i-5 Days Count Down ebingoLwesithathu kanye nomcimbi wokugqugquzela abasebenzi bezeMpilo ukuba bazibandakanye kulengqungquthela obubanjelwe eNatalia Building, eMgungundlovu.

Lapha bekunezingxoxo nemiyalezo yokuqwashisa umphakathi ngesifo seNgculazi nesandulela sayo.

Bukuhlotshiswe ngamabhalunde anemibala ebomvu, emhlophe kanye neminyama okungenye yemibala esetshenziswayo ukugqugquzela abantu ngale ngqungquthela.

Emgungundlovu abasebenzi boMnyango wezeMpilo banikezwe ithuba lokuxhumana nabanye babahleli balengqungquthela. Bathole nethuba lokuzivocavoca kwabuzwa nemibuzo, kwathi labo abaphendule kahle baklonyeliswa ngezikibha zale ngqungquthela.

Inhloso yokubalwa kwenzisuku bekuwukwazisa izakhamuzi ezingagunyaziwe ukuba zihambele ingqungquthela ukuthi zikwazi ukuba yingxenye yalengqungquthela ngokwethamela izinhlelo ezizobe ziqhubeka endaweni eyeziwa nge-'Global Village'.

Le ndawo ibudu buduze ne-Nkosi Albert Luthuli International Convention Centre, lapho izobannjelwa khona le ngqungquthela.

Ingaphezu kwengu-250 imisebenzi edalwe yile ngqungquthela, okubandakanya izinkundla zemilingiso, amakhono, ezokuxhumana nokunye okuningi.

Ukungena komphakathi kuzoba mahhala futhi kuzovuleleka ingqungquthela yonke.

Amalungu omphakathi ayacelwa ukuthi aphume ngobuningi bawo futhi bazibandakanye emisebenzini yengqungquthela.

Eminye imininingwane ungayithola kwi-website ethi http://www.aids2016.org" www.aids2016.org. Ku-twitter landela i-handle ethi #AIDS2016; kanti ku-Facebook ungabheka ikhali le-International AIDS Conference









"Inhloso yokubalwa kwenzisuku bekuwukwazisa izakhamuzi ezingagunyaziwe ukuba zihambele ingqungquthela ukuthi zikwazi ukuba yingxenye yalengqungquthela ngokwethamela izinhlelo ezizobe ziqhubeka endaweni eyeziwa nge-'Global Village'.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo

# KUSEZANDLENI ZABANTU UKUPHELELISWA KWENTUTHUKO

■ Siphuma eGibhithe lapho khona bekumele zonke izinsuku ngivuke ngovivi ngibeke amanzi okuba izingane ezincane zigeze, umama athole nokuphunga itiye, kufudunyezwe nokudla okusuke kusalile

**VERNON MCHUNU**

Umama uMavis Msibi usephile iminyaka eminingi ezama ukusingatha unina osekhule kakhulu kanye nabazukulu abalishumi namanye amalungu omndeni amathathu, nokuyisimo asichaze kulelisonto njengebesifana nesiphambano sakhe.

Kodwa kulezizinsuku uNkkz Msibi, oneminyaka engu 58 ubudala, usegcine wakwazi nokulala ubuthongo bengane ngenxa yokuphunyuzwa nguhulumeni wentando yabantu ngokufakelwa ugesi ekhaya lakhe kanye nakweminingi eminye imizi eyakhele isigodi saseMbizeni ngaphansi kukamasipala waseDumbe enyakatho nesifundazwe saKwaZulu-Natali.

Echaza ngobunzima bempilo ngaphambi kokuba uhulumeni afake uhlelo lokukhanyisa ugesi endaweni, uMsibi ubonakale evukwa ngumunyu, wahlengezela izinyembezi kodwa wabe esephuthuma ecacisa ukuthi izinyembezi zakhe empeleni zimbaxa-mbili: "Uma ngibheka emumva, ebunzimeni esiphuma kubona thina njengabantu abamnyama ezindaweni zasemakhaya, ngifikelwa wusizi.

Kepha khonamanjalo umunyu ubuye uvuswe wukungakholwa ukuthi yithi nathi lapha ekhaya kwaMsibi esikade siphila ebunzimeni bokuba ngabakwa "ntuthu" kodwa manje esesizopheka ngogesi impilo nakithi ibe lula njengoba sibabona abelungu lapha eduzane emapulazini benogesi," kuchaza uMsibi, obekhuluma ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ezokwethula ugesi okokuqala endaweni.

"Siphuma eGibhithe lapho khona bekumele zonke izinsuku ngivuke ngovivi ngibeke amanzi okuba izingane ezincane zigeze, umama athole nokuphunga itiye, kufudunyezwe nokudla okusuke kusalile, uma kungukuthi kusuke kusalile," kuchaza uMsibi, othe baphila ngokuqhukuluza impilo ngamatoho kanye nopoyinandi kanina nezibonelelo zivela kuhulumeni zabantwana – kwazise akukho noyedwa osebenzayo ekhaya.

Ugcizelele ukuthi ukuba wayengawuvotelanga lohulumeni obusayo, ngempela ngabe kukhulunywa ukuthi useyoze afe engazange yena aphile impilo engcono njengoba umlungu ephila.

Echaza mayelana nohlelo lwaseMbizeni lokukhanyisa ugesi, uDube-Ncube uthe loluhlelo olusaqhubekayo okwamanje lusadle izigidi eziyisikhombisa zamarandi, kanti futhi lungolunye lwezinhlelo eziningi esezisatshalaliswe nguhulumeni kweziningi izingxenye zesifundazwe.

"Namanje sisathi kusezandleni zabantu ukuba baqhubeke bavotele uhulumeni abawethembayo ukuthi uzokwazi ukwenza umsebenzi wokuletha intuthuko kanye nezidingo-ngqangi ezinjengalesi, ngoba akuyona into elula ukwenza lomsebenzi, akufani nokukhuluma ngomlomo."

"Njengoba sekusele kancane nje ukuba wonke umuntu ophilayo kulesisifundazwe abe nogesi endlini, kusezandleni zenu bantu bakithi ukuba ngomhlaka 03 ngenyanga ezayo, nibuyisele uhulumeni osubonakele usebenza ukuze siqhubeke nophelelisa intuthuko kuwona wonke umuntu."



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

# Amadolobha amasha ezindaweni zasemakhaya

**VERNON MCHUNU**

Umsebenzi kahulumeni wokusondeza izinsiza zikahulumeni nokukhulisa umnotho eduzane nemiphakathi yasemakhaya uqhubeka ngesasasa elikhulu njengoba nezakhamizi ngaphansi kukamasipala waseBaqulusini nazo sezibe yingxenye yemiphakathi esithole ukuhlomula ngaphansi kwalezinhlelo.

Ungqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uphinde wethula esinye isikhungo esiyinhlanganisela yeminyango kahulumeni kanye nehhovisi lokusebenzela ubuholi bomdabu, emcimbini obusesigodini sakwaMnyathi ngaseFilidi kulelisonto. Lezizakhiwo, ezidume ngama Community Service Centres (CSCs), sezikhombise ukusiza futhi ukudoba osozimboni abakhulu kanye nabanini bezitolo ezinkulu kanye namabhange ukuba bavule amabhizinisi ezindaweni zasemakhaya, nosekukhombise ukuba ngumthombo wemisebenzi kwizakhamizi zasemakhaya ebezikade zingabonelelwa ngalendlela ngezikhathi zobandlululo. I-Xulu-Msiyane Community Service Centre, edle isamba esingaphezu kuka R7,9 wezigidi, kanye ne Mpangisweni CSC, yona edle ngaphezu kuka R3,3 wezigidi, zizolekeleka ukusondeza izidingo zomphakathi, okubalwa kuzona abakwa SASSA, Umnyango weZasekhaya, iHhovisi lokusebenzela inkosi, umnyango wezabasebenzi, amaphoyisa, amabhange, yisikhungo sokufundisa ezobuchwepheshe, yihhovisi lekhansela, umnyango wabezokuthuthukiswa komphakathi (ezenhlalakahle), kanye nezitende zokudayisa ezizoxhasa abahwebi abasafufusa endaweni. "Ngamafuphi, ngokwakha lezizikhungo, uhulumeni udala amadolobha ezindaweni zasemakhaya, ngoba lama CSCs azosiza ukulekelela lemiphakathi ukuba ingabe isaphoqeleka ukusebenzisa imali enkulu kugitshelwa kuyiwa emadolobheni aqhelile okuyi Filidi kanye ne Louwsburg," kuchaza uDube-Ncube, obuye wagcizelela nokuthi lezizakhiwo ziqinisa namaxhama okusebenzisana phakathi kwamakhosi kanye nohulumeni kwazise phela konke okwenzekayo kulezizikhungo kubandakanye zombili lezinhlaka zobuholi.

UDube-Ncube ube eseveza nokuthi indawo yakwaMnyathi isondelene kakhulu nenhliziyo yakhe ngoba kukuyona lapho aqala ususebenza khona emveni kokuba inhlangano ebusayo uANC umjube njengongqongqoshe kulomnyango ngo Agasti ka 2009, nalapho khona wafika waphendula isoyi lokuqalisa iphrojekthi kagesi endaweni, nokwalandelwa wukuthi esikhathini esingengakanani aphinde abuye umsebenzi usuphothuliwe, esezokhanyisela ugesi umphakathi ngokusemthethweni.

"Singuhulumeni okhethwe ngabantu, sathembisa ukuthi siyozikhandla ukwenza ngcono izimpilo zabantu, ikakhulukazi abantu abakhe ezindaweni zasemakhaya.

Kuyasijabulisa-ke ukuthi sisalokhu siqhubekile sifeza izethembiso ezenziwe nguhulumeni njengoba ezindaweni eziningi KwaZulu-Natali intuthuko kungaseyona nje kuphela into ethenjiswayo, kepha isibonakala ngamehlo," kuchaza uDube-Ncube.

Ungqongqoshe ube eseveza ukuthi uhlelo lwama CSCs luyaqhubeka nokusabalala esifundazweni sonke saKwaZulu-Natali, njengoba onyakeni wezimali wakamumva u 2015/2016 lezizikhungo zakhiwe kulezindawo:

| CSC | Isifunda | Umasipala wendawo | Izindleko |
|---|---|---|---|
| Xulu-Msiyane | Zululand | Abaqulusi | 7 583 006.02 |
| Biyela | Uthungulu | Umlalazi | 7 776 431.82 |
| Ngwenya | Jozini | Umkhanyakude | 7 803 281.93 |
| Emondlo | Zululand | Abaqulusi | 7,250 000.00 |

U-Dube-Ncube uthe lezi ezilandelayo sekusemome ukuba nazo ziqale ukusiza abantu:

| CSC | Isifunda | Umasipala wendawo | Iqophelo lomsebenzi |
|---|---|---|---|
| Bulwer | Harry Gwala | Ingwe | Kuqashwa usonkontileka |
| Kwambonambi | Uthungulu | UMfolozi | 45% umsebenzi osuwenziwe |
| Matimatolo | Umzinyathi | UMvoti | 35%  umsebenzi osuwenziwe |
| Amahlubi | Uthukela | Mbabazane | Kusacingwa usonkontileka njengoba obesefakiwe ehoxile |
| Mvozane | Ilembe | Maphumulo | Kusenziwa umsebenzi wokuklanywa kwesiza |



*Kusukela kwesokunxele: iKhansela kuMaspala iHibiscus Coast, uKhansela Bheka Cele; usekela Meya weHibiscus Coast, Khansela Johnny de Wet; iMeya yeHibiscus Coast, Nkk. Nomusa Mqwebu; iNhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal, Mnuz. Simiso Magagula; iPhini loMphathi oMkhulu woMnyango, Nkk. Neli Shezi kanye noMphathi kaMaspala iHibiscus Coast, Max Mbili ngesikhathi kuphendulwa isoyi lapho kuzokwakhiwa khona isikhungo.* ***Isithombe:*** ***NOSIPHO NDABA***

# KUZOKWAKHIWA ISIKHUNGO SEZOBUCHWEPHESHA EGAMALAKHE

"Lesi sikhungo sizophinde sidlale iqhaza elibalulekile ukuthuthukisa ezomnotho kule ndawo ngokuhlinzekela ngendawo ezosetshenziswa osomabhizinisi abasafufusa," kuchaza uMagagula.

**NOSIPHO NDABA**

INhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natali, uMnuz. Simiso Magagula, uphendule isoyi lapho kuzokwakhiwa khona isikhungo sezobuchwepheshe besimanjemanje eGamalakhe ukuze kuthuthukiswe le ndawo kuMasipala iHibiscus Coast.

Lesi sikhungo singesinye sezikhungo ezine ezizokwakhiwa ezindaweni ezehlukene esifundazweni, okubalwa kuzo iRichards Bay, New Castle kanye nasePietermaritzburg ukuze kuvuleleke amathuba kwezobuchwepheshe ikakhulukazi kwintsha ukuze kwakheke namathuba emisebenzi.

INhloko yoMnyango ithe umnyango wayo ufake isamba semali engama R400 000, ukuze kwenzeke lo msebenzi okungokokuqala kulesi sifundazwe nokulindeleke  ukuthi kuqale ukusebenza ngeSepthemba walo nyaka. Lo mcimbi ubuhanjelwe izikhulu okubalwa kuzo iMeya yakumasipala wase Hibiscus Coast, iKhansela Nomusa Mqwebu, nobuholi bendawo, abezamabhizinisi kanye nabafundi abavela ezikoleni ezehlukene endaweni yaseGamalakhe namaphethelo.

"Lesi sikhungo sizophinde sidlale iqhaza elibalulekile ukuthuthukisa ezomnotho kule ndawo ngokuhlinzekela ngendawo ezosetshenziswa osomabhizinisi abasafufusa," kuchaza uMagagula.

Uqhube wathi umgqondo wezikhungo zobuchwepheshe ujwayelekile kwamanye amazwe athuthukile, kepha lapha eNingizimu Afrika bekusadembeselwe - kungatshalwa izimali ngokwanele kwezobuchwepheshe.

"Le ndawo yesifundazwe iyanqenqeleza kwezokulimo futhi kulesi sikhungo ungathola bonke ubuchwepheshe obungathuthukisa ezolimo. Lesi siyingqalabutho kwizikhungo ezine ezizokwakhiwa kulesifundazwe. Sidinga ukuthi umphakathi ubambisane nohulumeni ekwenzeni ngcono izimpilo zabantu. Maduzane kuzokwakhiwa ezinye eRichards Bay, eNewcastle nasePietermaritzburg. Sithemba ukuthi lolu hlelo luzovulela abantu abasha amathuba emisebenzi," kuphetha uMagagula.

IMeya uMqwebu ubemamatheka yinjabulo ebona lolu hlelo luqala kumasipala awuholayo. "Lapha siphemba isihlonti sentuthuko kubantu bakithi. Lo Hulumeni ukhombisa ngandlela zonke ukuthi uhlala ubeka phambili intuthuko yabantu bakithi.

"Lolu hlelo esilwethula namhlanje luyinkomba yokuthi siphokophele ekuthuthukiseni umphakathi, ikakhulukazi intsha.

Lesi sikhungo esinye sezinhlelo esizovulela amanye amathuba abantu kule ndawo. Sizokwenza kube lula ukuthi abantu abasha bafinyelele kwezobuchwepheshe futhi sizosiza ukuthuthukisa amakhono abo," kuchaza iMeya.

Umfundi wase-Esayidi Tvet College, uNtuthuko Gumede uthe "lesi sikhungo sizosisiza kakhulu njengentsha yakule ndawo, senze sikwazi nokufinyelela kwi-Internet kanye nobuchwepheshe obuzokwenza nkube lula ukuphila kwethu njengabantu abasha.


Lufike kahle sisabungaza inyanga yabasha," kugoqa uGumede.

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

AIDS 2016
21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

"Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic"



ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW

KZN Provincial Communications_2016

# KUGQAME UKUCIKOZA ABAFUNDI BEHLANGENE E-MEET MEKAAR

STHEMBISO SHANGASE

UMnyango Wezobuciko Namasiko ubambisene noweze Mfundo KwaZulu-Natali uvule inkundla e-Meet Mekaar ngaseMtubatuba enyakatho yalesi sifundazwe lapho afundi bedlane imilala becikoza ngezinkondlo nezinkulumo- mpikiswano ezinohlonze. UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi kuyamjabulisa ukusebenzisana kwale minyango emibili njengalokhu ibambisane kulolu hlelo lokusingatha lo mbuthano wabafundi abangama-300 abaqhamuka kuzona zonke izifunda. "Okungihlabe umxhwele ukuthi njengalokhu sihlala sihlela imincintiswano yobuciko bokubhala izinkulumo kuye kwadlisa ubuciko kulo mbuthano lapho abafundi benkondloza becikoza ngezinkulumo ezakhayo begeqa amagula ngezwe labo nezinto ezithinta abantu abasha." kusho uMaSithole Moloi. Abafundi bebevela kuzona zonke izifunda zakulesi sifundazwe.

ISishayamthetho saKwaZulu-Natali siye sathumela abasebenzi baso ukuthi bazohlela iPhalamende leNtsha kulo mbuthano nalapho besine bededelana abafundi bentongelana ngezithinta bona. Lufikile olungaliyo lapho uMfezeko Dlamini wesesiFundeni i-Harry Gwala ekhale wemuka nomklomelo wokuqala, walandelwa nguNkosikhona Dlamini waseMlazi kwathi uNhlanzeko Nyawo walala isithathu ngokucikoza ngezinkondlo. Abadle umhlanganiso ngezinkulumo zabo ezinohlonze ngenkathi sezinkulumo-mpikiswano ePhalamende Labafundi Lentando Yabantu kube ngoThandolwethu Ntombela osuka eMzinyathi enyakatho yesifundazwe, uNtokozo Dimba wase-Harry Gwala maphakathi nesifundazwe, uSakhile Njoko waseMzinyathi enyakatho yesifundazwe kwazothi uSeluleko Ndlovu wesifunda i-Pinetown entshonalanga yeTheku wahlabana ngendebekazi yokuba yiciko jikelele lokukhuluma ePhalamende. Abanye abathole ukuhlonishwa ngokuba yizikhulumi ezihluba udlubu ekhasini kube nguBongekile Hlahla wasesifundeni uMlazi, uSphamandla Shongwe wesifunda uMzinyathi kwazothi uSandiswa Goba wesifunda i-Pinetown entshonalanga yeTheku yena wabaqwaqwada emakhanda ngenkulumo yakhe eyayinohlonze.

Abanye abazakhele ugazi ngokukhombisa ikhono lokukhuluma ngokungesabi kube uWezile Sibeko ofunda e-Mlazi Commercial Technikon noSiyabonga Phakathi waseMenzi High School, bobabili abachazele abanye abafundi ukuthi kubalulekile ukwazi izimpawu zezwe kanjalo nokuzigqaja ngezwe lakho. UMnyango ube usugcizelela ukubaluleka kokufundisa ngezimpawu zezwe ikakhulukazi ukuma kweFulegi lesizwe nendlela eliphathwa ngayo.



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi*

# UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali weseka iNdoni SA

SIDUDUZIWE KHANYILE

UMnyango Wezobuciko Namasiko oholwa uNgqongqoshe uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi uyayeseka iNhlangano Engenzi nzuzo iNdoni SA ekhuthaza ukuziphatha kahle kwabantu abasha ngokubafundisa ngamasiko.

Le nhlangano iqoqe intsha ebalelwa kuma-200 eneminyaka esukela kweyi-12 kuya kwengama- 25 abafana namantombazane ibafundisa ngokuziphatha ngenkambiso yobumdabu baseAfrika.

Le nhlangano eyasungulwa uDokotela wezokwelapha ngokwaseNtshonalanga uDkt Nomcebo Mthembu isiwenze lo msebenzi iminyaka emine kusukela ngowezi-2012. Izizwe eziyishumi nambili zakuleli lizwe zibamba iqhaza kulolu hlelo lukazwelonke. Le nhlangano isichithe amasonto amabili ihleli e-Cedara ngaphandle kwaseMgungundlovu icija intsha yakulesi sifundazwe.

UMnyango Wezobuciko Namasiko udalule eSishayamthetho phambilini kulo nyaka ukuthi uzofaka isandla ulekelele iNdoni SA emkhankasweni wayo wokubumba isizwe nokuvuselela amasiko nezimilo. Omunye wabaphathi bale nhlangano uDkt Thembinkosi Biyela uncome uMnyango ngokuba usabele lapho kuhlatshwa ikhwelo lokufundisa intsha ngendlela yokuziphatha. UDkt Biyela uthi selokhu le nhlangano yasungulwa uMnyango usebenzisana nabo. Uthi bakhethe ukubutha intsha ngale kokukhetha ubulili ukuze kwakheke isizweesiphelele.

"Esibafundisa khona ukuthi bawazi amasiko baphinde bazi nendlela ekwakuphilwa ngayo kudala" kusho uDkt Biyela.

Uthi lokhu kuzosiza ekutheni amasiko engashabalali kodwa nentsha iphinde ifundise isizukulwane esizayo ngobuchule nobuhlakani kanye nesikompilo labomdabu.

Iyananela nentsha eyingxenye yalo mbuthano weNdoni ngokuthi iyakujabulela ukuba yingxenye yale nhlangano. Owayemele isizwe samaZulu nesifundazwe saKwaZulu-Natali nyakenye uNk Ziningi Mthembu uthi bengabantu abasha bayakulangazelela ukwazi ngemuva labo. Uthi bona bengabantu abasha abaphoqiwe ukuthi babeyingxenye yalolu hlelo kodwa kusuka ngaphakathi kubona. Khonamanjalo uSandile Mthethwa ongowesilisa osemusha osebenzisana kakhulu noZiningi, ukuhaya izibongo uma kunomqhudelwano wonobuhle beNdoni uthi njengomuntu wesilisa osemncane iNdoni isimfundise lukhulu ngendlela okumele umuntu wesilisa aphile ngayo okuzomenza abe yindoda eqotho uma esekhulile. UMthethwa uthi kuyabasiza ukuthi njalo ngamaholidi bahlangane beyintsha yesifundazwe saKwaZulu- Natali ngoba yisona lesi isikhathi abasitholayo ukuthi balungiselele umqhudelwano wamanqamu oba ngasekupheleni konyaka nezinye izifundazwe ezinezizwe namasiko ahlukahlukene.

Ngasekupheleni kwalo mbuthano kukhethwa insizwa nentombi ezomela isifundazwe kowamanqamu lapho zizobe sezididiyelwe zonke izifundazwe sekukhethwa iNdoni jikelele yakuleli.

Isifundazwe saKwaZulu Natali sithi sisifuna la ekhaya isicoco njengalokhu ngonyaka odlule sakhala semuka neNdoni yabeSuthu.

# Umnyango wezobuciko uhlomise iziboshwa ngamakhono obuciko

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe uMaSithole Moloi uncome iziboshwa ezibe yingxenye yohlelo loMnyango lokufundisa ngokubhala indwangu eQalakabusha eMpangeni enyakatho yesifundazwe.

UNgqongqoshe uMaSithole Moloi uthi leziboshwa esezilungiselelwa ukuthi zingaphuma noma nini eQalakabusha zikhombise ikhono elihle kakhulu ekufundeleni ukubhala indwangu okubizwa ngokuthi yi Silkscreen.

Iziboshwa zinikwe izitifiketi zokuphothula ngempumelelo loluhlelo oluhlose ukuzipha amakhono okuthi zikwazi ukuphila nokuziphilisa uma sebephumile kulesikhungo sokuvuselelwa kokuziphatha.

Kuwona lomcimbi wokumukeliswa izitifiketi kuphinde kwakhangiswa ngobuciko obunhlobonhlobo obuwumsebenzi wezandla zazo iziboshwa zase Qalakabusha.Kube sekunandisa zona futhi iziboshwa ngengoma kanye nesicathamiya kwachazeka uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

"Kuyajabulisa ukubona abantu bevuka bezithatha njengoba kukhona nasebefunde bagogoda nje", kuchaza uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

Uthe uMnyango Wezobuciko Namasiko unezinhlelo eziqhubekayo ezinika bonke abantu abasemkhakheni wezobuciko amathuba okuzithuthukisa.

Kulezizinsuku uMnyango uvule amathuba okuthi abezinhlangano zamaciko bafake izicelo zokuxhaswa ngemali yokuqhuba ezobuciko.

UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi ukhuthaze iziboshwa ukuthi zivuke zizithathe ziphokophele phambili.




*UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe uMaSithole Moloi usencome iziboshwa ezibe yingxenye yohlelo loMnyango lokufundisa ngokubhala indwangu eQalakabusha eMpangeni enyakatho yesifundazwe.*



**"Kuyajabulisa khona ukuthi bawazi amasiko baphinde bazi nendlela ekwakuphilwa ngayo kudala"**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UMNYANGO WEZOBUCIKO UTUSA IZITHELO ZE-UGU JAZZ FESTIVAL

LUNGILE CHILI

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali njengabaxhasi edilini lomculo elaziwangokuthi i-Ugu Jazz Festival obusePort Shepstone ogwini oluseningizimu, uthi imisebenzi iyabonakala.

Lelidili lomculo selibanjwe iminyaka engaphezu kweshumi oGwini kanti uMnyango Wezobuciko uholwa uNgqongqoshe uNkk Bongi Sithole-Moloi ufaka imali enjengemali kuwona. Kulonyaka ubufake imali engaphezu kwe R1.8 wezigidi ukuze lomcimbi ube yimpumelelo. UNgqongqoshe waloMnyango uMaSithole-Moloi uthi okumgeze igilo ukubona izinkakha kweze- jazz zisina zidedelana nabaculi abangadumi nezwe lonke.

"Uma sifaka imali ezinhlelweni ezibandakanya amaciko sisuke sifuna ukuthi namaciko asafufusa athole ithuba lokuziveza hhayi ukuthi kugiye izingwazi zodwa", kusho uMaSithole-Moloi. Phakathi kwezinkakha ezishikishe enkundleni phambi kuka Ngqongqoshe nezikhulu zomnyango kubalwa u Sipho 'Hotstix' Mabuse oshaye amanoni akhe akudala afana nengoma ethi "People Get Ready".

Kuthe kusabatshazwa lokho kwavuka amadlingozi kubalandeli bomculo wejazz abancane nabadala ngesikhathi uRingo Madlingozi eqhulula awakhe amanoni afana nethi "Ngiyagodola". Kusuke uthuli lwezichwe ngesikhathi iqembu lomculo wejazz eliphethwe yizingwevu zodwa zoMkhumbane Jazz Band yaseThekwini zidedela ubutlavatlava bamanoni e-jazz.

Kubaculi abasafufusa abebekhona singabala uSibahle,Siyalithatha, New idea nabanye. Abathandi bomculo bakhumbule uSipho Gumede osalala kobandayo ngesikhathi owayecula naye uBongani Nkwanyana eshaya ingoma ethi "When Days are dark, Friends are Few" yalomculi waseNdwedwe enyakatho yeTheku.

Ungqongqoshe uMaSithole-Moloi uthi kumchazile ukuzibonela ngokwakhe ukuthi imali yomnyango ayimukanga nomfula kodwa isize amaciko amaningi ukuthi akhumbuze abantu ukuthi asekhona kwathi abengaziwa athola ithuba lokuvela phambi kwabantu abebebalellwa ezinkulungwaneni eziyishumi.



# UMnyango Wezobuciko Namasiko uyiphake emigwaqweni yase Mgungundlovu eyokulwa nobuciko bomgunyathi

SIDUDUZIWE FEZEKA KHANYILE

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali ubambisene namaciko emikhakha ehlukene bayiphake yaqonda emigwaqweni yenhlokodolobha yesifundazwe uMgungundlovu, impi yokulwisana nokukhiqizwa nokudayiswa kobuciko bomgunyathi.

Amaciko abeyingxenye yalomshikashika wokulwisana nokudayiswa komculo okhiqizwe ngomgunyathi athi kuyawathokozisa ukuthi umnyango uhamba nawo uma kukhuzwa lomhlola.

Lemashi ebihlelwe wuMnyango ishishinge ngomgwaqo omkhulu kulelidolobha uLangalibalele phambilini owawubizwa ngoLongmarket kudala, yaphela ku Church Street.

Inhloso yalemashi bekungukudlulisa umyalezo kulabo abakhiqiza ngomgunyathi umculo bese bewudayisa emigaqweni ngemali encane ukuthi abapheze ukuphuca amaciko isinkwa emlonyeni ngalomkhuba.

Abaculi, izimbongi, ababhali namanye amaciko nabeseki bawo bababambe iqhaza kulemashi bekhuza iziqubulo ezikhuza umkhuba wokukhiqizwa kwemisebenzi yabo ngaphandle kwamagunya. Amaciko athi lesisenzo siwukuntshontsha ngoba wona asuke esebenze kanzima ukubhala nokukhipha umculo abese kuqhamuka izinswelaboya ziwuphinda-phinde zizowudayisa emigwaqweni nge,mali encane bona banikazi bomsebenzi basale bencela izithupha.

Usekela Mqondisi eMnyangweni Wezobuciko Namasiko eMsunduzi uNkk Zakithi Gumede uthe kungumsebenzi woMnyango ukuthuthukisa amaciko esifundazweni yingakho uhlabeka uma ubona umsebenzi wamaciko usuphelela ezandleni zamahumusha. UNkk Gumede uthe umnyango uzoqhubeka ungenelele ukuze kukopolotwe lesisihlava siphume siphele endimeni yezobuciko.

Ube esebonga ukubambisana nokusebenzisana okuhle phakathi kwezisebenzi zoMnyango nezenze lemashi ukuthi ibe impumelelo.

Ubuye wabonga nakuwo amaciko abekhona ngokusebenzisana noMnyango Wezobuciko Namasiko.

UMnu Smiso Mhayise weqembu lomculo elizinze kwaPata khona eMgungundlovu, iSacred Fellows uthe bengabaculi akubaphathi kahle lokhu okwenziwa ilabantu abantshontsha umculo wabo ngoba lokhu akubayisi phambili.

UMnu Mhayise ube esegxeka nomphakathi oqhubeka nokuthenga umculo odayiswa emgwaqweni .

"Umphakathi nawo unesandla ngoba ukuba awuwuthengi lomculo angabe awenziwa nokwenziwa" Kusho u Mhayise.

UMnu Mvuselelo Buthelezi naye ongumculi obeyingxenye yalemashi naye uhambe emazwini ka Mhayise wabe esebonga uMnyango ethi uyethemba ukuthi lemizamo izoletha ushintsho.

# KUHLONISHWE UMSHENGU NGOKUVEZA ISICATHAMIYA EMHLABENI JIKELELE

SIDUDUZIWE FEZEKA KHANYILE

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali usumethulele isigqoko wamhlonipha esawadla anhlamvana umsunguli weqembu lesicathamiya iLadysmith Black Mambazo uMnu Joseph Shabalala ngokuvezela umhlaba wonke iqembu lesicathamiya nempilo yabomdabu base Ningizimu Afrika.

Kulomcimbi obuhanjelwe abangani abadala bakaMshengu, uNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko u Nkk Bongiwe Sithole-Moloi uthe u Shabalala ungomunye wabantu abasebenze umsebenzi omkhulu ukuthuthukisa ezobiciko esifundazweni, kwiAfrika nasemhlabeni jikelele.

UNgqongqoshe uSithole-Moloi uthi uyancomeka nomsebenzi owenziwe uShengu ekufundiseni nasekuthuthukiseni amaciko asemancane waphinde wabeka elakuleli kwibalazwe.

"SiwuMnyango Wezobuciko Namasiko siyaziqhenya ngamagalelo kaMshengu futhi kuyasijabulisa ukumataniswa nomculo wesicathamiya ngoba uqhakambisa isintu sethu", kusho uNgqongqoshe Sithole-Moloi.

Umbhali nomlingisi osemnkantshubomvu uMnu John Kani ongumngani ka Shabalala usebenzise lelithuba lokuhalalalisela uShabalala walandisa abebesemcimbini ukuthi basuka kude noMshengu. uMnu Kani uthi alikho izwe laphesheya alihambile wangamfica uMshengtu nezakhe zeMambazo. Uthi ngesinye isikhathi wayebuzwa ngokuthi uyamazi yini uMshengu.

UMnu uKani uthi ubudlelwano bakhe Mshengu buqale ngonyaka we 1974 lapho babehlangana khona uma kunama khonsathi ezomculo nawemidlalo yeshashalazi.

U Mshengu naye uzibongele ngokwakhe eMnyangweni Wezobuciko nakubona bonke ababeyingxenye yalomcimbi maqede washaya ingoma yakhe iHomeless ayicula noMnu Paul Simon. Ube esephonsela inselelo abantu abasha ukuthi baqhubezele phambili umculo wesicathamiya.



# INJABULO KUVULWA ISIKHUNGO SEZITHUTHI ZOMPHAKATHI EMTSHEZI

Njengenjwayelo-ke, emizamweni kaHulumeni yokuguqula izimpilo zabantu, kukhona namathuba emisebenzi akwazile ukwenza ngcono izimo zokuphila emakhaya kubantu bendawo ngenkathi sakhiwa

**MABUYI MKARRY**

Abawuvali umlomo ososeshini bamatekisi baseMtshezi kanye nomphakathi wonkana ngesikhungo sikanokusho sezithuthi zomphakathi (i-Public Transport Intermodal Facility) esisha esivulwe ngokusemthethweni uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda.

Ukwakhiwa kwalesi sikhungo endaweni yaseMtshezi kube ngaphansi kohlelo loMnyango lokwakha izikhungo ama-Public Transport Intermodal Facility.

Lolu hlelo lusebenzisana noMasipala bezindawo lapho benikezela ngendawo uMnyango wezokuThutha wona ufake imali kwakhiwe izikhungo.

"NjengoHulumeni sesathatha isinqumo sokwakha lolu hlobo lwezikhungo ezingaphezulu kwalokhu esikubiza ngamarenki, ngoba zihlanganisa ndawonye amabhasi namatekisi ngenhloso yokulekelela, ikakhulukazi abagibeli ukuba bafinyelele kalula ezintweni zokuhamba.

"Ngenxa yokuntuleka kwamakhono nezimali komasipala abaningi, okudala ukuba bahluleke ukuzihlinzeka ngale ngqalasizinda, njengoMnyango sabe sesisebenzisa umgomo esibekelwe wona ngokomthetho ukuba silekelele bonke labo masipala abanale nselelo," kusho uKaunda.

UNgqongqoshe uqhubeke waveza ukuthi ukungabikhona kwengqalasizinda ehlinzeka izithuthi zomphakathi kungenye yezinto ezabonakala ukuthi zenza kungabi nohlelo lwezokuthuthwa umphakathi oluhehayo.

"Nathi futhi njengoMnyango sabe sesiqala uhlelo lokubhekela ezokuthuthwa komphakathi, esithi i-Public Transport Plans (PTP).

"Ubufakazi obukhona futhi buveza ukuthi uma izithuthi zomphakathi zingenayo ingqalasizinda ekahle, lokho kuba nomthelela ekunyukeni kwezindleko zokuqhuba umsebenzi okugcina sekuba ngabagibeli abathwala lezo zindleko.

"Siyakholelwa futhi ukuthi ukuba nengqalasizinda esezingeni enhle kuzosiza kakhulu ukukhuthaza ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi esikhundleni sokuthi umuntu nomuntu asebenzise imoto yakhe.

"Phela yikho lokho okwakha isiminyaminya ezindaweni ezingamadolobha namalokishi, ikakhulukazi ngezikhathi zokuya nokubuya kwabantu emisebenzini nasezikoleni," kubeka uKaunda.

Uphinde wazisa umphakathi ukuthi lesi sikhungo sizokwanela amatekisi angu-190 namabhasi angu-15 ngesikhathi esisodwa.

Phakathi kusona kukhona izindawo zokuzikhulula, izindawo zokudayisa, kanti nabanikazi bemboni bazoba nehhovisi lokusebenzela ukuze bahleleke kahle.



*UNgqongqoshe wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda ngokubambisana neMeya yaseMtshezi uKhansela Bongani Dlamini, iMeya yaseMbabazane uKhansela Phindile Strydom noSihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi bavule isikhungo sezokuthutha umphakathi edolobheni laseMtshezi, esibize u-R87 million.* ***Isithombe: THAMI MKHULISA***

Imali efakiwe kulo msebenzi ingu-R87 million.

"Njengenjwayelo-ke, emizamweni kaHulumeni yokuguqula izimpilo zabantu, kukhona namathuba emisebenzi akwazile ukwenza ngcono izimo zokuphila emakhaya kubantu bendawo ngenkathi sakhiwa," kuphetha uKaunda.

# IKwaZulu-Natal iqhubeka nokuhlomula ngezinhlelo zemigwaqo kazwelonke

**NONHLANHLA NDWANDWE no MSIZI ZULU**

UMNOTHO ohambisana nokuthuthwa kwempahla emgwaqeni iya noma isuka emachwebeni aKwaZulu-Natal kulindeleke ukuthi uthuthuke njengoba iSouth African National Road Agency Limited (SANARAL) iqhubeka nokwandisa izimpambanamgwaqo (ama-interchange) emigwaqeni emikhulu uN2 no-N3 esifundazweni.

Lapha kubalwa kwesezakhiwe iChota Motala Interchange kuN3 eMgungundlovu, Umngeni Interchange kuN2 noNanda Road eThekwini, iBallito Interchange esanda kuvulwa kuN2 kuMasipala waKwaDukuza, kanye neMt Edgecombe ethathwa njengesikhondlakhondla kwesezakhe zakhiwa okulindeleke ukuthi kuqedwe maduze ukwakhiwa kwayo eMhlanga enyakatho yeTheku.

Ukuvulwa kweBallito Interchange kusanda kwenziwa nguNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uNks Dipuo Peters ngokuhlanganyela noMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha KwaZulu-Natal.

Uhulumeni ufake imali engu-R200 million ukwenza lo msebenzi weBallito Interchange




*UNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uNks Dipuo Peters ephelezelwa uMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi bavula ngokusemthethweni i-Ballito Interchange kanye nomgwaqo omkhulu u-P455.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***

okuhambisana nomgwaqo uP455 oxhuma kuyona le mpambanamgwaqo. Kukhona namathuba emisebenzi angu-104 atholwe yizakhamizi zendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Ethula inkulumo yakhe uNgqongqoshe uPeters uthe bewuMnyango bayazigqaja ngokwethula iBallito Interchange ewuphawu lokuqhubeka nokuthuthukiswa kwengqalasizinda yemigwaqo kazwelonke.

Ngokwakhiwa kwale ngqalasizinda sibuye siveze namathuba emisebenzi kubuye kuvunjululwe namakhono kubantu bendawo. "Sifisa ukugcizelela ukuthi le migwaqo esiyakhayo asiyilungiseli ukuthi iphenduke izinkundla zezingozi lapho abantu bezoshayela umathanda kuzona bese kudaleka izingozi zamabomu okugcina kufe abantu abangenacala ngenxa nje yobudedengu babashayeli abangayikhathaleli impilo yabantu," kusho uPeters.

Usho kanjena nje uNgqongqoshe, ngaphambi komcimbi wokuvulwa kwe-Interchange, ithimba likahulumeni nabefundisi baqale bahambela indawo yesigameko lapho kwashonela khona iPhini leMeya yesiFunda Uthungulu uMnu Thulani Mashaba owaba sengozini yemoto ngonyaka odlule ku-N2 khona e-Ballito.

UKaunda uthe ukwakhiwa kweBallito Interchange bakuthatha njengokusebenzisana okuhle phakathi kwezigaba zikaHulumeni ukusukela kuzwelonke, isifundazwe kanye nohulumeni wasekhaya.

"Njengoba ngiphawula ngokubambisana kwezigaba zikahulumeni, okunye okusijabulisayo ukuthi ngesikhathi iSANRAL iletha le ngqalasizinda nathi kuba khona intuthhuko esiyenzayo njengesifundazwe nomasipala ukuze imigwaqo yethu ihambisane nengqalasizinda entsha esuke ikhona. Lapha uMnyango wesifundazwe noMasipala waKwaDukuza kudingeke sifake imali ebalelwa ku-R67 million ukulungisa umgwaqo uP455 oxhuma kuyona i-Interchange ukuya edolobheni eBallito kuxhume naku-M4," kubalula uKaunda.

Ube esenxusa abasebenzisi be-Interchange ukuthi baqikeleke ukuphepha ukuze ubuhle bayo bungambozwa izingozi ezilokhu zenzeka khona, wabe esenxusa ukuthi abantu balandele umgomo wejubane obekiwe babuye baqikelele uma bethatha amajika.

UKaunda uphethe ngokuthi ezokuphepha emgwaqeni ziseyingqinamba enkulu kakhulu wathi ukulwa nalesi sihlava uMnyango usezinhlelweni zokuthi izikole zamabanga aphezulu zibe nabafundi ukusukela ku-Grade 10 ukuya ku-12 abazokwenza izifundo zokushayela njengengxenye yezifundo kuthi lapho umfundi eseqede umatekuletsheni aphume nesitifiketi sawo kanye nezincwadi zokushayela.

Uthe lolu hlelo luzokwenabela nasezikhungweni zemfundo ephakeme ngokunjalo.



**"Sifisa ukugcizelela ukuthi le migwaqo esiyakhayo asiyilungiseli ukuthi iphenduke izinkundla zezingozi lapho abantu bezoshayela umathanda kuzona bese kudaleka izingozi zamabomu**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# KUKHUNJULWE IZISULU ZEZINGOZI ZOMGWAQO EMPANGENI

Ukusukela uqalile unyaka nje sekunezinxephezelo ezifinyelela ku-R500 000 esezikhishwe ngabeRoad Accident Fund (RAF) ngokulekelelwa yilolu hlelo loMnyango.

**NONHLANHLA NDWANDWE**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uchaze ingozi ebulale abantu abangu-11 eHarding eningizimu yesifundazwe njengento eyihlazo ebuyisela emuva kakhulu umkhankaso wokunciphisa izingozi. Le ngozi yenzeke ngenkathi imoto eyiveni ebithwele amakholwa igingqika emgwaqeni wobhuqu uD1079 KwaMbotho.

"Kuyasikhathaza kakhulu ukuthi sesibona ingozi enkulu kunazo zonke selokhu sabona ukwehla ngamaphesenti angu-49 ukufa kwabantu emgwaqeni ngesikhathi samaholide ePhasika phambilini nonyaka.

Yizo lezi zingozi esithi zibukela phansi umsebenzi wethu, kanti kuyacaca ukuthi amaphutha abantu alokhu eyimbangela yezingozi eziningi," kusho uKaunda. Kwenzeka le ngozi nje ngeSonto, uKaunda noMnyango wakhe bebehambele indawo yaseNseleni, eMpangeni enkonzweni yokukhumbula kanye nokuthoba amanxeba izisulu zezingozi zomgwaqo kule ngxenye yesifundazwe.

Lo mkhuleko ubuhanjelwe amabandla amahlelo ehlukene, abefundisi bamabandla ehlukene kanye nobuholi bendawo. Phakathi kwezisulu zezingozi ezikhunjuliwe kubalwa owayeyiPhini leMeya yasoThungulu uMnu Thulani Mashaba owaphelela engozini yomgwaqo eyenzeka ngonyaka owedlule ku-N2 e-Ballito.

"Lona ngumcimbi esithe njengoHulumeni ake siphume sibheke abantu bakithi ababhekene nesimo esisaziyo sonke nesinzima kakhulu sokushiywa isithandwa nona isihlobo noma umngani ungalindele. Leli yithuba lokuthi sicele nokuthi ukushiywa izihlobo nabathandiweyo bethu kube yikona okusivula amehlo nezingqondo ukuze sikwazi ukusebenzisa umgwaqo ngokuphepha, hhayi ukuthi bashiye umkhokha omubi," kusho uKaunda.

Ube esenxusa zonke izisulu ezishiywe ngabathandiweyo ukuthi zibe ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni ukuze kuqwashiseke nabanye abasebenzisi bomgwaqo ukuze kugwemeke lesi sihlava sezingozi zomgwaqo.

"Ukusukela uqalile unyaka nje sekunezinxephezelo ezifinyelela ku-R500 000 esezikhishwe ngabeRoad Accident Fund (RAF) ngokulekelelwa yilolu hlelo loMnyango.

Bheka-nje ngoba ngezingozi zomgwaqo izwe lethu lilahlekelwa imali yabakhokhi bentela engaphezu kuka-R300 billion ngonyaka, ngokukhokhela izinto ezahlukene njengazo izinxephezelo zeRAF, ukulashwa kwabalimele nokondliwa kwezintandane."

"Le mali ngabe isetshenziselwa intuthuko nokwakha amathuba emisebenzi kweminye imikhakha yempilo," kusho uKaunda.

Ubuye wathi okunye okukhathaza uHulumeni ukuthi izibalo ziveza ukuthi amaphesenti angu-80 abantu abafa emigwaqeni kuba abesilisa abasebasha iminyaka yabo ephakathi kuka-19 no-34 abanamakhono kwezomnotho, kwezamabhizinisi, kwezobunjiniyela, njalo njalo.

UMnu Nkosenhle Mngadi, omele intsha kwezokuphepha emgwaqeni ugxeke abashayeli wathi ayikho ingozi eyenzeka ngaphandle kokuba budedengu kanye nokuphula imithetho yomgwaqo. Uthe naye wake waba yisisulu sengozi yomgwaqo ngonyaka ka-2012 ngenxa yokushayela ngejubane elikhulu wabe esenxusa intsha ikakhulukazi ukuthi ihloniphe yonke imithetho yomgwaqo njengoba kuyiyona enamandla okushintsha umhlab



*UMnu Mxolisi Kaunda uhlanganyele nezinhlaka ezisebenzisana noMnyango wakhe wezokuThutha bakhanyisa izibani enkonzweni yokukhumbula izisulu zezingozi zomgwaqo eMpangeni.* ***Isithombe:*** ***THAMI MKHULISA***

# Abezinhlangano zezolimo ezizimele baxoxisana noNgqongqoshe uMthembu

**BRENDA MQWAMBI**

Ukuhambela nokuxoxisana nemiphakathi kanye nezinhlangano zezolimo ezizimele kungelinye lamasu umNyango osebenza ngawo ukuze izinhlelo zawo zikwazi ukufeza izidingo zabalimi baKwaZulu Natal. Lokhu kufakazele ngengqungquthela ebibanjwe eThekwini lapho izinhlangano ezizimele zikhombise okukhulu ukuzimisela ukusebenzisana nomNyango kanye nokuxhasa izihlelo ezilethwa umNyango emphakathini. Imihlangano enjengalena kubekeka izoba yingxenye yomhlahlandlela njengoba uHulumeni ekwenza kucace ukuthi kusebenzeka kalula nemiphakathi noma izinhlangano ezizihlelile bese zikhuluma ngazwilinye.

Phakathi kwezinhlangano ezisiza abalimi ababekhona kungabalwa abakwa Agribusiness Development Agency abaneqhaza elikhulu abalibambile ekusizeni abalimi.

Okuhambe phambili kulokhu kuhlangana kube ukudingida izindlela ezihlelekile nezingcono ukusimamisa umkhakha wezolimo esiFundazweni. Okhulumela iForum for Organised Agriculture, ngaphansi kwayo okunezinhlangano zabalimi abayisishiyagalolunye ukubeke kwacaca ukuthi ukuxoxisana ngaloluhlobo kuyabasiza njengabalimi ukwenza umsebenzi wabo ngendlela ehambisanayo nezihlelo zomNyango.

Okunye aphinde wakubalula ukuthi izithangami ezinjena yizona ezisiza ukuthi izinhlaka zombili okungumNyango kanye nezinhlangano zabalimi ezizimele zakwazi ukusebenzisana ngendlela ezoba nomthelela omuhle embonini. "Thina njengabalimi, sibona leli kuyithuba eliyingqayizele elizokwenza ukuba sikhuthazeke ekusebenzeni kwethu, nangokukhanyiseleka kangcono ngezinhlelo zomNyango kuzosisiza sisebenze ngokuzezihlela emsebenzini wethu" kusho uThamsanqa "Sir V" Dlamini osemnkantshubomvu kwezolimo njengoba edume kakhulu ngesikhathi engomunye wabaholi bentsha ekwezolimo esiFundazweni. Ekhuluma kulesisithangami uNgqongqoshe uThemba Mthembu, uthe uzoqhubeka asebenze ngezinhlelo ezikhona emNyangweni esezikhombise ukuba usizo. Lokhu kuzwakale kubathokozisa abalimi ngenxa yokuthi imisebenzi abesebeyiqalile angeke iphazamiseke ngenxa yezinguquko zobuholi ezenzekile emNyangweni.

Uqhube wathi, umNyango usazoqhubeka nezihlelo zokusiza abalimi kanye nabafuyi abasafufusa, ikakhulukazi labo abasezindaweni zase makhaya nokuyibona abantula kakhulu.

"Kuzomele sikuqonde ukuthi njengo mNyango sihlose ukufinyelela kuphi nabalimi futhi sizofinyelela kanjani lapho siphokophele khona, ukuxoxisana kanje yikhona okuzosisiza" kubeka uNgqongqoshe uMthembu.

Abezinhlangano zabalimi bavese ukuthi umNyango kuzomele uqinise ukusebenza emazingeni aphansi ngoba ukusebenza kwabalimi nabafuyi kulele kakhulu osizweni olulethwa umNyango, usizo lwezokwalulekwa. Abeluleki yibona abasebenza ngqo ngoba iwona asebenza ngqo nemiphakathi yase makhaya.

Enye yezinqinamba ezivelile kulomhlangano ukuthatha isikhathi kokubuya kwemiphumela yokuhlolwa kwenhlabathi ngaphambi kokuthi kutshalwe.

Kepha abeluleki babakhuthazile abalimi ukuthi noma kunalengqinamba kepha abalimi abawuhambese umhlabathi wabo ukuze uyohlolelwa ukuthi ulunge kangakanani kanye nokuthi ulungele ukutshala miphi imikhiqizo. Ukuzinikela kwabalimi emsebenzini wabo nokuqhamuka namasu nemikhiqizo emisha kuzwakele ngokuthi phakathi kwezinto abaxoxe ngazo kube indaba yokuthola imvume, ikakhulukazi kwabalimi abansundu ukuthola izimvume zokukhiqiza umanyolo. UmNyango kanye nalezinhlanga uvumelene ngokuthi uzosebenzisana ngokubambisana ukuze kufezeke izidingo zabalimi kanye nabafuyi bakule siFundazwe.





*UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngesikhathi ethula inkulumo ngesimo sezolimo ezinhlanganweni zezolimo ezahlukene*



*uThubelihle Gumede wenhlangano I-AFASA ebeka umbono ngesikhathi sezingxoxo nomNyango*



**"Kuzomele sikuqonde** **ukuthi njengo mNyango sihlose ukufinyelela kuphi nabalimi futhi sizofinyelela kanjani lapho siphokophele khona, ukuxoxisana kanje yikhona okuzosisiza"** **Mthembu.**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu



*Ingxenye yentsha yaso Lundi ebesemhlanganweni lapho bebezoxoxisana noNgqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnu Themba Mthembu*

# SIHLALELWE UMSEBENZI WOKWENZA EZOLIMO USIKOMPILO LWEMIPHAKATHI YAKITHI – MTHEMBU

**SIMPHIWE NDWANDWE**

UNgqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Themba Mthembu, uthi kumele umkhakha wezolimo wenziwe ube yingxenye yesikompilo emphakathini. Ubekhuluma emcimbini wokucobelelana ngolwazi obuwenziwe yintsha yaseZululand, uNgqongqoshe ubekhuluma nentsha yasoLundi ekhombise intshisekelo enkulu emkhakheni wezolimo.

Uthe inkinga ebhekene nezolimo ukuthi abantu basawubheka njengo msebenzi ogqilazayo futhi ongenye yezindlela zokuhlukumeza abantu.

"Ziningi izinto esenziwe kulo mNyango ukuze ube wusizo emphakathini wakithi, kodwa asikakahambi ibanga elide kakhulu. Kumele sizibuze ukuthi yini edala lokhu, uma sisasebenza kahle kuvele kube nezinkinga eziphazamisa umsebenzi," kusho uMthembu. Uthe kumele intsha yazi ukuthi umnonto kungakhathaliseki ukuthi yimuphi wakhelwa phezu kwesisekelo sezolimo. Uma ubalekela ezolimo usuke ubalekela umongo wezomnotho, kusho uMthembu.

Ukhumbuze intsha ebeyethamele lo mcimbi ukuthi nangesikhathi kufika ithimba lokuqala labamhlophe eKapa ngo-1652, bafika baqala izinhlelo zolimo ukuze kube khona ukudla kwabantu abahweba ngezinongo behamba begudla ulwandle behwebisana ne-Dutch East India Company. Ngalokhu uMvelase ubegcizelela ukuthi isisekelo sokwakheka kweKapa saba semkhakheni wezolimo.

Ngoba ngisho i-Italy, ayake yabizwa nge-Rome futhi yaba yizwe elinamandla kakhulu eminyakeni eminingi eyedlule, yaqala kuyizwanyana nje elaliphila ngokulima izakhamizi zidle zibuye zidayiselane.

Uthe okwaba yingxaki enkulu ukuthi abantu bakuleli ababe cindezelekile bathatha ezolimo njengomkhakha onzima ngoba abantu bakhula bebona abazali babo behlukunyezwa kanzima emapulazini begqilazwa, kwase kuba khona isithombe esibi ngomkhakha wezolimo.

"Abantu bakithi bakuthatha njengento ebuhlungu kakhulu ukuba sepulazini ngenxa yezinhlupheko zabantu bakithi ababhekane nazo ngaphansi kwabalimi abahlukumezanayo," kusho uMthembu. Ukwenza uguquko olunqala kwezomnotho uthe, kumele lugxile ekufakweni kwabantu ababencishwe amathuba phambilini. Uphinde waphakamisa ukuthi umNyango ukubheke ngeso elibanzi ukuthi abantu abangenazo iziqu zezolimo bakwazi ukuthola umsebenzi kwezolimo. "Ngiyakuqaphela ukuthi kunemigoqo evimbela abantu bakithi ukuthi bangene emkhakheni wezolimo ngendlela egculisayo ngenxa yemicikilisho efunekayo.

Uthola ukuthi abantu bakithi abasakwazi ngisho ukungena ezimakethe zezitolo ngoba kudingeka babe nolwazi lobuchwepheshe olunzima kabi.

"Kuvele kube nzima kakhulu ke manje ukuthi kusebenzeke. Kunesimo esihlelwe ngamabomu sokuvalela abanye abantu ngaphandle ngokubeka imibandela emikhulu nengenaso isidingo esingako," kusho uMthembu. Uthe njengamanje bayalusebenza udaba lokuthi kubhekisiswe kahle indaba yemibandela ejulile evimba abantu ukuthi bangene bathi shi emkhakheni wezolimo. Uthe kuhle futhi ukuthi izinhlaka ezizimele ezingaphansi kukahulumeni zisebenze nabantu abejwayelekile, zingagxili kubalimi nakosomabhizinisi asebevele benamandla ngokomnotho noma ulwazi, kepha kufukulwe laba abasangena endimeni.

Ukuhlabe wakuhlikiza ukuthi kuhlale abantu asebeqeqeshiwe emakhaya bengenawo umsebenzi kubuye futhi kube nomhlaba ongasebenzi wathi lokhu kuyinto engenamqondo okumele isukunyelwe.

Esinye sezinyathelo ezinqala esithathiwe ukuze kulungiswe lokhu ukuba kusondezwe intsha ebhuqura emakhaya yizeineziqu kanye nalabo abanomhlaba kodwa abangawusebenzisi ukuze babambisane kusetshenzwe umhlaba. Ubuye wahlaba amabhange ngokuhambela kude ekuthuthukiseni imiphakathi yakithi.

"Uma amabhange engenakuza azosiza maningi amathuba okuthi singaphumeleli. Nakuba kunjalo kodwa sinxusa ukuthi siqhubeke sisebenze thina futhi uma kunesidingo singazisungulela awethu amabhenge,"kusho uMthembu. Uthe injongo yomNyango akukhona nje ukufaka imali emisebenzini ngenhloso yokujabulisa abantu kodwa kubhekwe ngabomvu ukuthi iyabuya yini inzuzo uma sekwenziwa umsebenzi.

Lokhu uthe inhloso yakho ukuqinisekisa ukuthi uyaphela umkhuba wokukhangeza nje kuhulumeni bese kuthi kungaphuma izimali zidliwe imisebenzi iphele kanjalo.

Ephetha uthe kuyaphuthuma ukuthi kwakhiwe ubudlelwano obunomsoco nezinhlangano zentsha futhi kugqugquzelwe ukuthi kube khona izishoshovu ezizosukumela ngazo zombili ukusebenza umkhakha wezolimo.

Ukukhuthaza intsha ukungena kwezolimo ezenza inzuzo ngomunye wemizamo yomNyango ukuvala igebe elikhona embonini yezolimo phakathi kwabamnyama nabamhlophe.




# UDLUNGWANE UTHI SEZIHUBELA SAKUSHA KWABAZOBHALA IZIVIVINYO ZIKAMATIKULETSHENI

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa uMthandeni Dlungwane, uthule ngokusemthethweni uhlelo oluthi sekusele izinsuku eziyikhulu ukuthi kubhalwe izivivinyo zebanga leshumi. Loluhlelo luthulwe e Provincial Training Academy (Dokkies). Abasebenzi bomnyango kanye nabafundi, yibo ekade beyingxenye yaloluhlelo. Ethula inkulumo yakhe uMhlonishwa uDlungwane uthe, "Kusasa ngolwesihlanu zingu 15 ku July kuzobe sekusele izinsuku ezilikhulu kuphela ukuthi kubhalwe izivivinyo zebanga leshumi, lapho kuzobe kubhalwa khona iphepha elikhulukazi lesingisi, cishe elibhalwa yiwo wonke umfundi ofunda umatikuletsheni eNingizimu Afrika."UMphathiswa uchaze ukuthi imiphumela yebanga leshumi yango 2015 ayibanga mihle futhi yiyo egqugquzele uMnyango ukuthi usebenze ngokuzikhandla ukuze ukhuphule imiphumela yawo.

"Kuningi esikwenzile siwuMnyango ngaphansi kwamasu oMnyango abizwa nge Provincial Academic Improvement Plan. Siyathemba ukuthi esikwenzile njengengxenye ye Provincial Academic Improvement Plan, okubalwa kukho uhlelo lokusiza ama Progressed Learners, I just in Time Programme, Ama winter classes, ama Saturday classes nokunye okuningi, kuzosiza kakhulu ukuphucula imiphumela yethu," kusho uMphathiswa.

UMphathiswa ube esenxusa abafundi ukuthi basebenze ngokukhulu ukuzikhandla kwazise sezihubela sakusha.

"Sinxusa kakhulu abafundi ukuthi badele konke, basebenze ngokukhulu ukuzikhandla nokuzimisela ukuze baphumelele kwazise isiZulu sithi ayikho inkomo yobuthongo. Sinxusa nemiphakathi, ikakhulukazi abazali, ukuthi baseke abafundi kulesikhathi esibalulekile ezimpilweni zabo," kunxusa uMphathiswa.

EsiFundazweni saKwaZulu-Natali, bangu 171 480 abafundi abazobhala izivivinyo zebanga leshumi kanti ngo 2015 babengu 169 825. Lokhu kusho ukuthi isibalo sabafundi abazobhala izivivinyo zebanga leshumi ngo 2016 sinyuke ngo 1 655. Abafundi besifazane ababhalisele ukubhala lezivivinyo bangu 112967 kanti abesilisa bangu 93 641.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sizosebenzisa izikhungo zokumaka ezingu 27. Lezikhungo zizovulwa mhla zingi 1 ku December 2016, kanti ukumaka kona kuzoqala mhla zingu 5 ku December, kuphele mhla zingu 15 ku December 2016.

UMphathiswa uDlungwane ukuqinisekisekisile ukuthi uMnynago wenze konke okusemandleni ukugwema



izehlakalo zokukopela kwabafundi kulesiFundazwe saKwaZulu-Natal.

"Izehlakalo zango 2015, lapho kwaba khona izikole lapho kwasolakala ukukopela kwabafundi zasidumaza kakhulu, yingakho siziqinise kakhulu ezokuphepha ukuqinisekisa ukuthi lokhu akuphinde kwenzeke.

Imiphumela yesiFundazwe yebanga leshumi yango 2016, iyokhishwa mhla zingiu 5 ku January 2017.

# Imavumengwane High izodla umnyango imali engango R10.5 million

**NOMPUMELELO GASA**

UMphakathi wase Mbongolwane eShowe uthi nawo awumncinyane emva kokuvakashelwa uMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMthandeni Dlungwane ukuzophendula isoyi lokwakha kabusha isikole iMavumengwane High School.

Imavungwane ingenye yezikole ezakhiwa uMnyango ezisezingeni eliphezulu njengoba izodla uMnyango isamba semali engango 10.5 million.

OkaDlungwane ukubeke eqhulwini ukwakha futhi athuthukise izikole ikakhulukazi zasemaphandleni.

"Kuyangijabulisa ukubona abantu baseMbongolwane bethokoze ngaloluhlobo, kungenza ngibe nesiqiniseko sokuthi bayayithikasela imfundo yabantwana babo futhi banendima abayidlalayo ukulekelela abantwana babo emfundweni, njengoba uMmengameli wezwe enxenxe abazali kanye nemiphakathi eyakhele izikole ukuthi idlale indima emfundweni yabantwana babo.

IMavumengwane izoba ngezinye yezikole esiziqhenyayo ngazo ngenxa yobuxhakaxhaka obunaso nokulekelela kakhulu ekufundeni lezizifundo ezaziwa njengezibukhuni.

"IMavumengwane High School izoba isikole esikhulu ngenxa yokuthi izoba nama gumbi okufundela angu 14, admin office, laboratory, assembly hall, exam room nokunye okuningi.

"Ngiyafisa ukucacisa ukuthi lesi sikole akusona esoMnyango kuphela kodwa singesenu njengomphakathi, ngakho ngiyaninxenxa ukuba nibe yihlo kuwona wonke umsebenzi ozokwakhiwa ngoba siyafisa ukuba nibambisene nabakhi ingakho sibone kungcono ukuba sibathule ngokusemthethweni nibazi," kuphetha oka Dlungwane.

Umphakathi wase Mbongolwane ukuthakasele kakhulu ukufika kuka Mphathiswa nezindaba ezinhle kangaka, ikakhulukaze ubalule ukwethulwa ngokusemthethweni kukamakhi."Sisizwa sibakhulu eMbongolwane ngokwenziwa uMphathiswa uDlungwane, siyathembisa ukuba yiso elibukhali ekwakhiweni kwesikole sabantwana bethu, kusho lukhulu lokhu ngoba besesingena ezindlekweni zokugibelisa abantwana ngenxa yokufudukela emadolobheni ngenhloso yokuthola imfundo esezingeni eliphezulu.

Angingabazi imiphumela izonyuka ngenxa yezinsiza kufunda ezifana nelaboratory okuhloswe ngazo ukuxhasa ukufunda kwabantwana.



# Ivulwe ngesasasa i-Phumlani High School

**SIHLE MLOTSHWA**

UMphakathi wa KwaShukela endaweni yase Jozini uhlulekile ukuzibamba ngenxa yenjabulo ngesikhathi uMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali, uvula ngokusemthethweni I Phumlani High School ngolwesibili zingu 12 ku July 2016.

Lesikole sivulwe ngokusemthethweni yiLunga lesiShayathetho saKwazulu-Natali, uMhlonishwa u Linda Hlongwa-Madlala, obemele uMphathiswa weZemfundo, uMhlonishwa uMthandeni Dlungwane.

Ngokusho kwezakhamizi, lesikole siheha abafundi abaphuma ezindawenі eziningi, ngisho nezikude, ngenxa yobuxhakaxhaka kwezinto esinazo. Kwezinye zezinto ezitholakalayo kulesisikole kubalwa amagumbi okufunda angu 15, I admin block enamahhovisi kanokusho, I media centre, I computer centre, ama multi-purpose classrooms, ikhishi, izinkundla zezemidlalo, izindlu zangasese, indlu kanogada kanye nokunye okuningi. Ukwakhiwa kwalesikole kudle uMnyango imali engu R 34 million. Ekhuluma kulomcimbi, uMhlonishwa u Linda Hlongwa-Madlala uncome uMnynago weZemfundo esiFundazweni ngokuzimisela nangentshisekelo yawo ekuthuthukiseni ingqalasizinda ezikoleni. "Sesibone izikole eziningi ezisezingeni eliphezulu zakhiwa kulesiFundazwe. Lezi yezinye zezinto ezisenza siziqhenye ngohulumeni wethu. iNhliziyo yami ijabula kakhulu uma ngibona umphakathi wakulendawo ujabule ngalendlela," kusho uMhlonishwa u Hlongwa-Madlala. Umhlonishwa ugcizelele ukuthi njengoba imiphumela yesiFundazwe yehlile nyakenye, izikole ezifana nePhumlani High School zizosiza kakhulu ukugqugquzela abafundi. "Asingabazi ukuthi abafundi balesikole bazokwenza kahle kakhulu kulonyaka," kuphetha u Hlongwa-Madlala. Ezinyangeni ezimbalwa ezidlule, uMnyango weZemfundo wenze izinto eziningi zokuthuthukisa ingqalasizinda ezikoleni za KwaZulu-Natali.

Ngesonto eledlule uMphathiswa u Mthandeni Dlungwane uthule ngokusemthethweni usonkontileka ozokwakaha isikole esisha esidle uMnyango u R10,5 million endaweni yaso Oyaya, eduze kwase Mbongolwana eShowe. Kwezinye zezikole ezisezingeni eliphezulu ezisandokwakhiwa uMnyango weZemfundo Kwazulu-Natali kubalwa I,Mgezeni High School, Quarry Heights Primary, Mvuzo High School, Busana High School, Mbaliyethu Primary School, Kasturba High School, Khalipha Primary School Kanye ne Groutville High School.

UMnyango uzibophezele ukuqinisekisa ukuthi bonke abantwana, nalabo abaphila nokukhubazeka, bathola imfundo evulelekile futhi esezingeni eliphezulU. Ukuqinisekisa lokhu, uMnyango usuwakhe izikole eziningo zabafundi abaphila nokukhubazeka okubalwa kuzo I Malezulu Special School, Vulekani Special School, Ukukhanya koMsinga Special School ne Pholela Special School ezoqeda ukwakhiwa ngonyaka ozayo.



**"Sinxusa kakhulu abafundi ukuthi badele konke, basebenze ngokukhulu ukuzikhandla nokuzimisela ukuze baphumelele kwazise isiZulu sithi ayikho inkomo yobuthongo."**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane